


NJENGALOKHO
NGANGINAYE UMOSE,
KANJALO NGIZOBA NAWE

 Ngiphumile futhi kulokhu ukusa emva kokulala kahle ebusuku. Ngithemba ukuthi sonke besinakho, futhi sizizwa sikhululekile namhlanje.

² Bengicabanga nje, njengoba bengimi ekamelweni, noBilly Paul ufake amasenti angamashumi amabili nanhlanu, kulokhu ukusa. Ngiyakhumbula ngimi kulelipulpiti elifanayo, ngenkathi. . . UFrankie Weber, umakhelwane lapha, yena nami saya esikoleni ndawonye. Futhi ngangithi angibe namashumi amabili-nanye, futhi, noma, cishe amashumi amabili-nambili, ngiyakholwa. Futhi wayesevele enamashumi amabili-nanhlanu. Futhi ngenkathi efaka amasente angamashumi amabili nanhlanu, ngacabanga, “O, he! UFrankie usezolungela ukufa! Usemdala kakhulu!” Futhi—futhi manje. . . Ngacabanga, “Ngizokwenzenjani lapho ngithola lowonyaka, amashumi amabili-nanhlanu na?” Futhi manje indodana yami ifaka amashumi amabili-nanhlanu.

³ Kuyakhombisa nje ukuthi isikhathi siyadlula, futhi asilinde muntu. Sifanele sisebenze kusesemini, ngokuba isikhathi sizofika lapho singeke sisasebenza. Futhi ngangilithanda njalo elithi *Ihubo LokuPhila* likaLongfellow, “Ngokuhlukana, sishiye emva kwethu amanyathelo ezihlabathini zesikhathi.” Sifanele senze amanyathelo ezinyawo ngenkathi sisengawenza, ngamunye wethu. Asingamoshi usuku olulodwa, kodwa senze zonke izinsuku zibalwe ukwedlula konke esingakwenza, ngenxa yenkazimulo yaKhe.

⁴ Ebusuku obuthi abube bubili obedlule, noma emavikini amabili edlule, bekunjalo. INkosi inikeza imibono, njengoba sonke siqinisekile ngalokho lapha. Futhi ngaba nombono oxakile ukuba wenzeke kimi ngenkathi ngisezansi eKentucky. Ngathi edilini enganginalo, “Ikhona into ethize ngempela elungiselela ukwenzeka.”

⁵ Ngabona kumi phambi kwami, cishe ngelesithathu nqo ekuseni, ekamelweni, indoda, emnyama ngokwesabekayo; hhayi njengabafowethu nodadewethu abangamakhaladi abathandekayo. Lendoda yayehlukile. Umzimba wayo wawuyinsimbi eshwabene. Futhi yayiza nezandla ezinkulu ezixhakathisayo, ukuba ingithole. Futhi isivikelo sami

sasiyinkemba encane, kodwa yayingalungile. Yayingengivikele ngayo. Ngakho, ngandlela thize, iNkosi iyangena futhi yangisiza ukuba ngisuke kulendoda esabekayo. Yayiyinsimbi eshwabene. Ngangiyibona lapho iphakamisa isandla sayo, imibimbi emikhulu esikhunjeni sayo, njengensimbi iya emuva naphambili. Ngiyethemba, mhlawumbe, inhlamvu ecindezela kanzima ibingeke ibhoboze lelogobolondo elesabekayo, njengesilwane esithize, ufudu noma okuthize, phezu kwayo. Futhi yayingilandela. Nginomqondo omuhle ukuthi lokho kwakuyini nokuthi kusho ukuthini.

⁶ Kodwa, manje-ke, ngoLwesibili olwedlule ekuseni, cishe ngesithathu nqo, kukhona okunye okwenzekayo. Ngangisekhaya. Futhi omi phambi kwami egumbini, kwakunguYe ongonobuNkulunkulu owakhuluma amazwi engangingawaqondi. Nesikhathi Asimisile sesiseduze. Futhi angizange ngiMuzwe kahle kakhulu, kodwa WayeNgonobuNkulunkulu. Futhi Wathi, “Ezinye izinsuku eziyisikhombisa, futhi uyoma njengoba uMose ama,” noma “uyoba njengoba uMose wayenjalo,” noma okuthize okuphathelene noMose. Lokho kungishiya olunye futhi usuku, emva kwanamhlanje. Lokho kwakungokwesithupha. Angazi ukuthi lokho kusho ukuthini. Ngiyazi ukuthi Uzokuxazulula, noma ngabe kuyini. “Niyoma,” noma, “nizofanele nime,” noma, “nibe njenga,” noma, kwakungokuthile okuphathelene noMose. Futhi angikaze ngicabange kakhulu ngakho. Ngatshela umndeni wami futhi ngatshela abanye, abathandekayo bami, ukuthi ngibone lona OnobuNkulunkulu. Nokho, Wakhuluma njengomuntu.

⁷ Ngase-ke ngiqaphela ukuthi uMlayezo wami, wayizolo kusihlwa, iNkosi ingivumele ngikhethe uMose. Futhi, kulokhu ukusa, nguMose nomlandelayo. Futhi umBhalo engizosondela kuwo, kulokhu ukusa, ngakho, uphathelene noMose noJoshuwa. NalomBhalo, uJoshuwa isahluko 1, bekuhlala njalo kungumBhalo ogqame kakhulu. Angikaze ngishumayele ngakho, empilweni yami; ngizokuzama, kulokhu ukusa.

⁸ Kodwa, cishe eminyakeni emibili edlule, ngabona iBhayibheli, egumbini, lehla futhi lama lapho engangikhona. NeSandla, esivela phezulu, sehla futhi sahlukana amakhasi, sawaphenya; futhi sehla, uJoshuwa 1, kuya evesini 9, futhi sama, sihamba kancane. Ngilindile lelihora ukuba lisondele, kuya lapho engizozwa khona ukuthi bekuyintando kaNkulunkulu kimi ukuba ngikhulume mayelana nakho.

⁹ Manje, ningazikhohlwa izinkonzo zakusihlwa, uma ni... ningeza, futhi aninayo indawo yokugada. Uma ninamabandla anidingayo, ngani, impela siyanincoma ebandleni lenu.

Kulokhu ukusa sizokhulekela abagulayo, masinya emva

koMlayezo. Futhi ngicabanga ukuthi, lapho, ukulandela lokho, yinkonzo yombhaphathizo.

¹⁰ Futhi kulobubusuku, iNkosi ithanda, ngifuna ukushumayela ngokuthi *EziNhlanu EzingaPhosisi, IziNkomba ZangokomBhalo ZeBandla*, nobudlelwane bethu naWo, neBandla leTestamente eLisha, nobudlelwane bethu naleliBandla. Nezinkonzo zizoqala, inkonzo yamaculo, ligamenxe elesikhombisa; ngizame ukuba sepulpiti ngelesishiyagalombili nqo. Futhi sizozqeda ligamenxe elesishiyagalolunye, iNkosi ithanda.

¹¹ Futhi khona-ke ngiyethemba, ukuthi, namhlanje, ukuthi ngeke kube nelilodwa lalamazwi, ukuthi, lapho ngehlela ekuyalweni, ukuthi akukho-muntu oyohluleka ukukubona. Ngoba, kubaluleke kakhulu ukuthi nibeke eceleni yonke into manje, futhi nicabange, njengoba silinda kuMoya oNgcwele.

¹² Ngaphambi kokuba ngisondele kuleliZwi elimangalisayo nelinomusa, ngizocela ukuthi umngane wami olungileyo nesisebenzi esikanye nami, uDkt. Lee Vayle, uma ezosukuma futhi asihole ngezwi lomkhuleko, njengoba sivula iZwi. Mfowethu Vayle.

[UMfowethu Lee Vayle uyakhuleka. Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

Ngiyabonga, Mfowethu Vayle, ngalowomkhuleko ofaka ugqozi kuNkulunkulu.

¹³ Futhi manje asiphenye emiBhalweni. Kunokuningi nje okungakhulunywa ngakho; kodwa nokho ngibona abaningi bemibezungeze izindonga, nasemahholo, kanjalonjalo. Ngikholwa ukuthi sibhekene nokusa kosuku olusha. Manje, ekufundweni komBhalo kulokhu ukusa, asiphenye esahlukweni 1 sikaJoshuwa. Futhi sizofunda eNcwadini 1 kaJoshuwa, isahluko 1, amavesi ayisishiyagalolunye okuqala. Ngenkathi sisalungiselela . . .

¹⁴ LoMlayezo uyateyishwa, futhi uzothunyelwa ezingxenyeni eziningi zomhlaba. Bengingafuna abantu bomhlaba iNkosi engiphe umusa, futhi ngifumene umusa emehlweni enu. Ngisho lokhu, kulokhu ukusa, ngenxa yokuthi, esikhathini esizayo, ngethemba ukungena ebandleni lenu nasemihlanganweni, ukuze nazi, ngaphambi kwesikhathi, lokho iNkosi uNkulunkulu ekwenzile, ukuze nazi iQiniso. Futhi njengoba uJesu athi, “iQiniso liyakunikhulula.”

Ngifunda kuJoshuwa 1.

. . . kwathi emva kokufa kukaMose inceku yeNkosi, iNkosi yakhuluma kuJoshuwa indodana kaNuni, isikhonzi sikaMose, yathi,

UMose inceku yami ufile; manje sukuma, futhi uwele leliJordani, wena, nalababantu bonke, ezweni engilinike bona, abantwana bakwa-Israyeli.

Zonke izindawo ayakunyathela kuzo amathe onyawo lwenu, ngininikile zona, njengalokho ngasho kuMose.

Kusukela ehlane nakuleliLebanoni kuze kube-semfuleni omkhulu, umfula u-Ewufrathe, lonke izwe lamaHeti, ...kuze kube-selwandle olukhulu ngasekushoneni kwelanga, kuyakuba ngumkhawulo wenu.

Akuyikubakho muntu ongema phambi kwakho zonke izinsuku zokuhamba kwakho: njengalokho nganginaye uMose, kanjalo ngizoba nawe: angiyikukuyeka, angiyikukushiya.

Qina ume isibindi: ngokuba uyakulabela lababantu izwe, engalifungela oyise ukubanika lona.

Qina kuphela ume isibindi kakhulu, ukuba uqaphele ukwenza ngokomthetho wonke, akuyala ngawo uMose inceku yami: ungaphambuki kuwo ngakwesokunene noma ngakwesokhohlo, ukuze ube-nempumelelo nomaphi lapho uya khona.

Lencwadi yomthetho mayingasuki emlonyeni wakho; kepha uyakuzindla ngayo imini nobusuku, ukuba uqaphele ukwenza njengakho konke okulotshwe kuyo: ngokuba lapho uyakuhlamelisa izindlela zakho, uyakuphumelela kahle.

Angikuyalile na? Qina ume isibindi; ningesabi, ningapheli amandla: ngokuba iNKOSI uNkulunkulu wakho unawe nomaphi lapho uya khona.

¹⁵ Futhi evesini 5, futhi cishe maphakathi nevesi, kulotshiwe: *Njengalokho Nganginaye UMose, Kanjalo Ngizoba Nawe.* Yilokho, uma bengingakubiza ngendikimba, ngingathanda uku—ukulinda imizuzwana embalwa, futhi ngininakise lokho. “Njengalokho NganginoMose, kanjalo Ngizoba nawe.”

¹⁶ Manje izolo kusihlwa besihamba nabantwana bakwa-Israyeli, kusukela le eGibhithe, saze sabathola eKadeshi. O, isifundo esikhulu kangaka pho! Into enkulu kanje pho, njengoba sifanekisa ibandla lemvelo ebandleni lokomoya. UNkulunkulu esebenzana no-Israyeli kokwemvelo; nebandla ngalezizinsuku, njengoba Ebiza oweZizwe, abantu beGama laKhe. Usebenzana nabo ngokomoya, njengoba Wasebenzana nabo kokwemvelo; ukuhambisana ngqo nje, omunye komunye. Futhi konke lokho uNkulunkulu akwenza ngabo, nakho konke lokho uNkulunkulu abenzela khona, nakho konke abakwenza ekuphenduleni, kuwela kithi njengesibonelo. Futhi siyabona, kuze kube manje, iZwi lenziwe ngokufanayo impela. Ukuthi kukanjani kokwemvelo, ngenkathi bethola ukunqoba kwabo noma okubili, bazinza ekuthokozeni, nokumemeza, nokusina, nokudumisa uNkulunkulu; ngendlela nje ibandla elenza ngayo,

futhi manje selilinde iminyaka engamashumi amane ukuvulwa kwenye into ethize.

¹⁷ Futhi njengoba sicabanga ngoMose, lenceku enkulu yeNkosi, ukuthi kanjani ukuthi ekuzalweni kwakhe, indawo yokuzalwa kwakhe, uNkulunkulu wamkethela umsebenzi wakhe, ekuzalweni kwakhe. Futhi ukuphila kwakhe kwakunzima kakhulu ukuphilwa. Ngoba, ungumuntu, futhi ufuna ukukuphila ngendlela eyodwa, noMoya kaNkulunkulu umholela kwenye indlela. Izingqomo eziwubuwula kanje pho, kubonakala sengathi, ayezozenza. Lapho, nonyawo lusesihlalweni sobukhosi, ukuba yindlalifa yezwe; bese-ke ethatha olunye uhlangothi, ukuba abe ngumlahlwa, noma umhambuma. Kubonakala sengathi, ngokwengqondo, bekungaba yinto ewubuwula.

¹⁸ Kodwa sithola isifundo esikhulu phakathi lapha. Ukuthi, amadoda alandela uMoya, kungubuwula, kulo izwe, ngoba bangabomunye uMbuso, beholwa ngenye indlela, beholwa nguMoya. Nkulunkulu makube yimina, nani nonke, ukuthi sizolandela ukuhola kukaMoya, kungakhathaleki, sibhekisisa isithembiso sikaNkulunkulu, sisilindele ukuba sigcwaliseke.

¹⁹ Futhi yilokho nje okwenziwe nguMose. UFaro wafunda umBhalo ofanayo uMose awufunda. Kuphela, uFaro waWubuka ngenye indlela. UMose wabuka abantu abafanayo uFaro ababuka. UFaro wayebabona njengezigqila nanjengabaxova udaka. UMose ubabone njengababiziwe nabakhethiweyo.

²⁰ Yileyondlela engifuna ukubona ngayo iBandla likaNkulunkulu ophilayo, hhayi isigejane sezinhlanga noma abalahlwa, kodwa njengabakhethiweyo bakaNkulunkulu; ukuze ngikwazi ukunikela ngempilo yami, njengoba kwenza uMose, ngenxa yaleliBandla elikhulu nangenxa yeMbangela.

Manje, sithola uMose ebizwa. Futhi emva kokuyalwa, wehluleka ekuyalweni kwakhe, ngokuzama ukukwenza ngendlela ayecabanga ukuthi yayingcono kakhulu.

²¹ Ngakho-ke kuyasifundisa, futhi, ukuthi asikwazi ukuthatha lokho esicabanga ukuthi kukwedlula konke, noma lokho umuntu acabanga ukuthi kukwedlula konke. Sifanele sithathe indlela uNkulunkulu athi yedlula konke. Ngakho-ke, ukulandela iZwi leNkosi njalo kungokwedlula konke. Thatha indlela uNkulunkulu ayisho.

²² Futhi ekwehlulekeni kwakhe, sithola ukuthi wabaleka ebusweni bukaFaro, wangena ehlane, lapho aganwa khona indodakazi kaJethro, uZipora. Futhi lapho, emva kokushada naye, wamzalela indodana, uGereshomu. Wase-ke ehlala phansi, ngokuthula du nangokuthula, njengasebhizinisini lezimvu.

²³ Kodwa, ngoluny'usuku, uNkulunkulu wezwa ukukhala kwabantu baKhe. UNkulunkulu wakhumbula ukuthi Wayenesivumelwano nalabobantu. Akusikho lokho kuphela,

kodwa Wakhumbula futhi ukuthi Wayenenceku Ayeyibizile, futhi wayekhethile, futhi Wayenesivumelwano naleyonceku. Futhi uNkulunkulu akasoze aguqula isivumelwano saKhe noma aguqule izifiso zaKhe, noma aguqule noma yini. UNkulunkulu uyohlala njalo ezigcina izithembiso zaKhe. Nakuba uMose wayehlulekile kuYe futhi wayenze lokho okwakungalungile, nokho uNkulunkulu wasigcina isivumelwano saKhe. Ngenkathi uNkulunkulu ebiza umuntu ukuba enze okuthize, ufanele akwenze, ufanele akwenze nje.

²⁴ Omunye wangibuza, esikhathini esithize esedlule, “Singazifuna iziphiwo zethu manje zezinkonzo zethu na?” Abanye abazalwane beMethodisti ababesanda kwemukela uMoya oNgcwele.

Ngathi, “Qhabo. Ungakwenzi lokho. Lapho ukwenza, khona-ke uNkulunkulu angeke akusebenzise.” Ngathi, “Into kuphela okufanele uyenze, ngukuqhubeka nje ungumKristu. Uma uNkulunkulu ekubizile, Uzokubeka khona impela nje lapho ongowakhona.”

²⁵ Ngokwejwayelekile, labo abafuna futhi bazame ukuthola izinto, uma uNkulunkulu ubengabanika okuthize, bebeyo, kakhulu noma ngaphansi, abe yiyembe elihlohlwe. Ngokwejwayelekile, umuntu uNkulunkulu ambizayo, ngumuntu ozama ukuMbalekela, uma noma yini; uMose noPawulu, nabanye abehlukene, bezama ukusuka obizweni.

²⁶ Kodwa siyathola lapha ukuthi, uNkulunkulu, naphezu kwakho konke ukwehluleka uMose ayekwenzile, Wayesalokhu enesandla saKhe phezu kwakhe. Futhi Wambiza ukuba ahambe, enze inkonzo yaKhe, wambiza ekuyalweni kwakhe. Futhi lokho kufanele ukuthi kwaba yinduduzo enjani kuJoshuwa, ngenkathi ezwa uNkulunkulu ethi, “Njengalokho Nganginaye uMose, kanjalo Ngizoba nawe.”

²⁷ Nakuba, uma ngizama, futhi ngiyehluleka, uNkulunkulu angeke angishiye. Angibi nokwethemba okukhulu neze kunoma ubani owesaba kakhulu ukwenza noma yini. Ngingaqoka ukutholwa ngiyisehluleki kunokuba ngivilapha kakhulu ukuzama.

²⁸ Ngesinye isikhathi kwashiwo ukuthi iBallard neNkampani yakwaBallard Flour yaqasha indoda, futhi yayizosayina igama layo, futhi indoda yayingenayo irabha ekugcineni kwepensela layo. NoMnu. Ballard wathi kuyo, wathi, “Kungani unganayo irabha na?”

Yathi, “Angiwenzi amaphutha.”

Wathi, “Khona-ke ngeke ngakusebenzisa. Ngoba, uma wenza amaphutha, u... Awuwenzi amaphutha, ngeke wenze lutho.” Lelo yiqiniso.

²⁹ UNkulunkulu akakuthwesi icala ngamaphutha akho. Ukubeka icala ngesono sakho sangamabomu. “Lowo owona ngamabomu, emva kokuba esemukele ukwazi kweQiniso.” Kodwa umuntu ozokwenza okuthize, uzophaphalaza, uzowa. Uzokwenza amaphutha. Kodwa uma ngempela ebizwe ngokobuNkulunkulu, noNkulunkulu enhliziyweni yakhe, uyovuka futhi.

³⁰ Kwakuvamise ukuba, ngiza ebandleni lapha, eminyakeni eyedlula, futhi bangahle babe lapha kulokhu ukusa, indoda encane nomkayo. Babevame ukucula iculo elalingixhuxhumisa. Lihamba into ethile enjengale:

Ngithethelele, Nkosi, futhi ungivivinye kanye
futhi,
Ngizoba ngowaKho uma Uzoba ngowami;
Uma ngiwa noma uma ngehluleka, mangivuke
ngizame futhi,
Ngithethelele, Nkosi, futhi ungivivinye kanye
futhi.

³¹ Ngiyakuthanda lokho. Ngokuba, noma yiliphi isosha elihle likulungele ukuthola ukulimala noma ukuzwa ubuhlungu. Kodwa uma liseyisosha, futhi linenhloso, nento ethize ukuba liyilwele, liyosukuma liphinde lizame futhi. Futhi noma yiliphi isosha elilungile lesiPhambano liyokwenza into efanayo.

³² Futhi kuJoshuwa, umkhuzi omusha wempi, emva kokuba uMose esedlulile, ebona ukuthi uNkulunkulu wahlala naye emaphutheni akhe, wabamba ukuyalwa kwakhe.

³³ Akunandaba ukuthi uMose wenzeni, kwakuyisikhundla sikaMose uNkulunkulu ayesihlonipha. Wayengumprofethi. Wayengaphezu kwabo bonke abaprofethi. Ngempela wayengaphezu kwanoma yimuphi umprofethi ababenaye. Ngenkathi udadewabo uqobo emhleka, ngokuganwa yintombazane yaseTopiya, Wababizela ndawonye Wayesethi, “Animesabi uNkulunkulu na?” Wathi, “Uma ekhona phakathi kwenu, ongowomoya noma umprofethi, Ngiyakukhuluma kuye ngemibono futhi Ngizazise kuye ngamaphupho. Kodwa akunjalo ngoMose; Ngikhuluma umlomo nomlomo naye. Animesabi uNkulunkulu na?”

³⁴ Niyabo, leyo akusiyo into enhle, ukunyathela phezu kwabantu bakaNkulunkulu. UyaMlimaza lapho wenza kanjalo. UNkulunkulu wayeyale uMose; ukwehluleka kwakhe kwakungasho lutho. UNkulunkulu wayeyazi inhliziyi yakhe.

³⁵ Futhi yena ngesinye isikhathi, uMose, wakhononda ngokuba nokuningi kakhulu ukuba akwenze. Futhi ngakho uNkulunkulu wathatha uMoya waKhe futhi waWehluhanisa phakathi kwamashumi ayisikhombisa. BabengesenaMoya ongaphezu kwalokho ababenawo ekuqaleni. Kodwa into kuphela, babenemishini eminingi, inani elifanayo loMoya.

³⁶ UNkulunkulu angabeka uMoya waKhe wonke phezu koMuntu uma Efuna, noma AngaWusabalalisa phakathi kwezinkulungwane uma Efuna. Ngelinye ilanga Wabeka wonke uMoya waKhe phezu kweNdoda ebizwa ngoJesu. Manje WaWusabalalisa emabandleni aKhe, ndawo zonke. UNkulunkulu uyawugcina umyalo waKhe.

³⁷ Manje uJoshuwa, iqhawe elisha. Babili kuphela abasele manje, abake bashiya izwe lesithembiso; lowo kwakunguJoshuwa noKalebi. Manje, uJoshuwa, umkhuzi omusha, ukuhola impi, ukuba angene endaweni lapho indoda enkulu njengoMose ama khona. Kwakungesiwo umsebenzi omncane.

³⁸ Futhi ngicabanga ngomfundisi, namhlanje, obizwe nguNkulunkulu, ukuba angene emikhondweni lapho uJesu ama khona. Umyalo onje pho! Umyalo onje pho! Kodwa yilowo nalowo obizwe nguNkulunkulu uyalwe ukuba ame kuleyondawo efanayo. “Ngiyoba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwendlela.” Umfundisi ngamunye ubizelwa ukuma lapho Enza khona. “Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza.” Umfundisi ngamunye ugcotshwe nguNkulunkulu, uyalwa ukuba ame emzileni kaJesu Kristu futhi enze imisebenzi eyenziwa nguJesu. Lowo ngumyalo impela.

³⁹ Nokuthi kufanele ukuthi kwazwakala kanjani, ngenkathi uJoshuwa emi lapho ngalokho kusa, ekhuluma noNkulunkulu. Wathi, “Angiyikukwehlulekisa. Futhi njengalokhu Ngangingaye uMose, kanjalo Ngizoba nawe. Akuyikuma-muntu phambi kwakho, zonke izinsuku zokuphila kwakho. Ngiyakubhubhisa ngishwabadele. Ngizokwenza indlela icace. Kuphela, qina futhi ube nesibindi kakhulu. Ungabi naluvalo, lokho ngukuthi, ukhathazekile. Ungesabi. Nginawe. Ngizokuphumelelisa.” Yeka umyalo okufanele unikezwe lendoda entsha ethiwa uJoshuwa!

⁴⁰ Manje, kunenqwaba enkulu yemifanekiso lapha ebesingangena kuyo, kodwa sizoyedlula eminye yayo. Isibonelo nje, njengoMose, kwakungunyaka webandla owabaletsha eSinayi, esayenseni yabo yezenkolo; okwayizolo ebusuku. UMose wayengavunyelwe ukuthatha abantwana bakwa-Israyeli abawelisele ezweni lesithembiso, ngoba wayehlulekile.

⁴¹ Nenhlango yebandla, ihlelo lehlulekile. Abazukuliwelisa iBandla. UNkulunkulu uzovusa inqubo entsha, inqubo yokungakhethi-hlelo, ngamandla kaNkulunkulu, eyothatha iBandla ilifake eZweni lesithembiso. Izinhlango namahlelo kuLixovile, ngamunye ngokwesayense yezenkolo engeyabo, ngamunye ngendlela okungeyabo yokucabanga. Kodwa uNkulunkulu uzothatha uMoya oNgcwele waKhe futhi uzovusa oJoshuwa baKhe abazoyisa iBandla esithembisweni, kungekho zintambo zobuhlelo eziboshelwe nomaphi, kodwa uzokwengamela iBandla laKhe.

UMose wayehlulekile; wayengumnikezeli-mthetho. UJoshuwa wabizwa ngowomusa, futhi waqhuba ibandla.

⁴² Siyathola futhi ukuthi uJoshuwa, azi lomyalo, azi ukuthi kwakulele ezandleni zakhe, ukuthi uNkulunkulu wayembizele umsebenzi ayengafanele ehluleke kuwo, wahamba ngobumnene phambi kukaNkulunkulu. Futhi ngenkathi esebizele ndawonye abantu futhi wabatshela ukuthi uNkulunkulu wayemyalile, bhekisisani isicelo sabantu. Bathi, “Sizokulandela njengoba senza kuMose, uma singabona into efanayo eyalandela uMose, ikulandela. Qina kuphela ume isibindi.”

⁴³ Lokho bekufanele kube yisidingo sawo wonke umuntu ozelwe ngokusha namhlanje. Uma sicelwa ukuba silandele, khona-ke asibone izibonakaliso zilandela ikholwa. Njengoba uJesu athi, “Izinto engenzayo Mina nani niyakuzenza.”

⁴⁴ Futhi nginicelele, ngaphambilini, ukuba niqiniseke ukuvumela inhliziyu yenu yokomoya ivuleke kulokhu ukusa, ngoba ngethemba ukuthi nizokubamba engikushoyo. Sihlezi nabantu behlelo, zonke izinhlobo zezinhlangano zibuthene lapha kulokhu ukusa, kusukela kwiKatolika neProtestane, nezinhlobo eziningi ezehlukene, ngakho kuyokwembulwa kwabagcwaliswe ngoMoya, kusobala.

⁴⁵ Manje uJoshuwa wadingeka athathe lomyalo. Abantu bathi, “UNkulunkulu makabe nawe njengoba WayenoMose, futhi sizokwazi ukuthi uMoya ofanayo owasihola kwaze kwaba lapha ungasithatha usiqhube.”

⁴⁶ O, iBandla belifanele libuke kanjani, kulokhu ukusa, ukuthola uMoya usebenza phakathi kwabantu, uma ufuna ibandla lasekhaya lapho uMoya owavusa uKristu kwabafuleyo, uMoya oNgcwele, ozohamba phakathi kwabantu. Lowo nguMoya uNkulunkulu awuvusayo, ngezinsuku zokugcina, ukuwelisa abantu, bangene kwelinye iZwe, bangene esithembisweni esigcwele sazo zonke izibusiso zikaNkulunkulu, nasekuyalweni okugcwele Akunikezayo, noma isithembiso. “Isithembiso ngesenu, nesabantwana benu.” Njengoba u-Israyeli wayefuna lelozwe lesithembiso, azi ukuthi kwakundawondawo, ngoba kwakukade kukhona umuntu lapho, ngaphambilini, linjalo neBandla. Siyazi ukuthi kukhona iZwe ndawondawo. Kukhona amandla ndawondawo, ngoba bekukhona abanye laphaya. Siyazi leloZwe lilele ngaphesheya komfula, lapho esiqonde khona, kulokhu ukusa, sizama ukuya kuleloZwe lesethembiso.

UJoshuwa wayazi ukuthi lelozwe lalilapho. Wahamba kuqala wayesethola, ukuthi wayengabuya njengofakazi.

⁴⁷ Abefundisi ababizwe nguNkulunkulu bebengafanele benziwe balahlekelwe ukuzethemba kakhulu ngesayense yezenkolo, kodwa bavakashele iZwe lapho esiya khona, bebuyisa ubufakazi bothando lobuNkulunkulu namandla kaJesu Kristu,

ukwazisa amabandla abo, ukuthi kukhona iZwe ngaphesheya komfula.

⁴⁸ Manje, izolo ebusuku, ngishumayela, “ngenyukela eJordan.” Manje, lapho sifika kulowomfula, uyasehlukanisa. Uyasehlukanisa. Kanye ngakolunye uhlangothi, kukhona okwenzekile kuwe.

⁴⁹ Manje, uJoshuwa, kukho konke lokhu, azi ukuthi umyalo wawumkhulu; kodwa, enesiqiniseko, wayengaba ongesabi. Wayengaba, njengoba singakubiza kanjalo, ngobudlabha, inqobo nje uma wayekhonzwe endleleni efanele. Wayengahle ahlakazekele egqumeni elalizomshaya ahlehle, kodwa wayethwalwe ngendlela efanele.

⁵⁰ Kanjalo neBandla likaNkulunkulu ophilayo lingaba nobudlabha futhi lingesabi, ekukholweni, uma sikhonzwe endleleni efanele. Ngokuba, Wathi, “Njengalokhu Nganginaye uMose, Ngizoba nawe. Angiyikukuhlulekisa angiyikukushiya.” Akazange amshiye uMose. Akazange amehlulekise uMose. Akayikumehlulekisa uJoshuwa. Akayikusehlulekisa. Uyoba nathi.

⁵¹ Futhi njengoba sithola uJoshuwa ukuba athathe lomyalo, azi ukuthi izibopho zazibahola bedabula emazweni, manje, ukuthi wayezofanele awelele kwelinye izwe. Wayezodingeka amise umbuso wabo. Wayezodingeka abahlukanisele amafa. Wayazi ukuthi umyalo wawumkhulu kakhulu, kakhulu kakhulu kunalokho uMose ayekwenzile. UJoshuwa wayenokuningi ayefanele akwenze kunoma uMose ayefanele akwenze.

⁵² Enye into, wayezobahola begudle umngcele, phakathi kwabafowabo. Futhi base bevele benambithile igazi. Wadingeka abanqobe. Wadingeka abagcine bethule lapho bemasha beqhubeka.

Kunjalo nanamhlanje ngaleliqembu elisha lePentecostal elivukayo manje, banambitha ubuhlelo. Kunzima kakhulu ukubagcina bephansi.

⁵³ Eminyakeni ethile edlule, bathi, “Woza, Mfowethu Branham,” ngenkathi inkonzo iqala ukuqala, “sizoqala inhlango, sikwakhele isikhumbuzo ndawondawo.” Angibhekile isikhumbuzo. Ngibheke ukuFika kweNkosi.

⁵⁴ Babumba inkoloze encane, ebizwa nge “mvula yakamuva,” benyukela eCanada, futhi baphumela eCalifornia, kodwa yawa. Kusobala, ngeke yahamba. Kwakungani na? Into kuphela abayaziyo; baphuma kulezozinto, futhi bathola ukuthinta okuncane kwakho. Bafanele babe nento ethize abafanele bayenze.

⁵⁵ Mfowethu, iBandla langempela likaNkulunkulu ophilayo alinazinhlobo, alinazivumokholo. Liholwa ngamandla kaNkulunkulu akuyo yonke inhliziyo yomuntu ngamunye.

Yedlula ngakubafowenu. Ungaqophisani nabo. “Sibakhulu kunabo.” Ungaqophisani nabo. Yedlula nje.

⁵⁶ Ngifuna niqaphele into enkulu eyenzekile lapha. Kwakukhona u-Esawu, uMowabi, nalabo esibhekisele kubo, izolo ebusuku. Abaningi balabobantu, abaningi balabo empeleni babengamakholwa athiyeka emnceleni. Babesemnceleni ngqo.

⁵⁷ O, ngifanele ngime lapha entweni ethize umzuzwana nje, ngeke kungithathe kodwa umzuzu. Abantu abaningi babhekisela izwe lesithembiso esikhathini seminyaka eyiNkulungwane. Akusikho. Izwe lesethembiso lalinezimpi nokubulalana. Isikhathi seminyaka eyiNkulungwane asiyikuba nezimpi noma ukubulalana. Labhekisela kuMoya oNgewele, izinkundla zempi.

⁵⁸ Ukulungisiswa; balishiya iGibhithe. Kunezigaba ezintathu zohambo lwabo. Bashiya iGibhithe, phansi kokulungisiswa, bekholwa yiZwi. Bazehlukhanisa nabaseGibhithe base bephuma. Bawela uLwandle oluBomvu futhi babulala izinto ezisemva kwabo, okwakungukungcweliswa ngeGazi, elibulala zonke izifiso zomuntu zobubi; isigaba sesibili sohambo. Kodwa isigaba sesithathu kwakungenkathi bewela iJordani, bangena ezweni lesithembiso lapho ifa labo lalilele khona. Ifa labo alizange lilale eGibhithe, nakuba uNkulunkulu wababusisa eGibhithe.

⁵⁹ Nina maLuthela enikholelwa ekulungisisweni; ifa lakho alilele lapho, uma ubiziwe. Uma nje uyiLuthela, yilokho kuphela oyo ke ufinyelele khona.

⁶⁰ Nina maMethodisti, namaNazarene, nePilgrim Holiness, neChurch of God, enikholelwa ekungcweliswa, ukubulawa kobubi obukuwe, ukhipha izimpande zobubi, ungowaphesheya komfula.

⁶¹ Kodwa kinina besilisa nabesifazane ukuthi kukhona okuthize kini, okumemezayo, utwa oTweni, likhona iJordani okusafanele uliwele, neZwe ngaphesheya komfula.

⁶² Wathi, “Uzodlula ngakubazalwane bakho. Uzodlula ngakubazalwane bakho, futhi baseduze komugqqa womncene. Futhi uma wedlula ngakubo, ungasho lutho kubo. Nginike u-Esawu lentaba. Nginike uMowabi lelizwe. Futhi angifuni uqophisane nabo, uguqula abantu kwenye inkolo. Yedlula nje, ngobumnene. Uyazi ukuthi uyaphi. Ungathathi imikhuba yabo.”

⁶³ UMowabi wayenomprofethi wamanga, umbhishobhi ogama linguBalami, owehlayo futhi wangena phakathi kwenhlangano yebandla, futhi azame ukubathola ukuba bahlele, futhi bonke bahlangane ndawonye, ngoba babengabazalwane. Kodwa babengajalo. Babengabafowabo ingxenyi, bengesibo abafowabo bangempela. Uma enhliziyweni yakho...

⁶⁴ “Ungavumelani naye. Qhubeka nje, umshiye kanjalo. Khokhela okutholayo, uma ufanele udlule ezweni lakhe.”

Wamiselwa ngaphambili ukuba abe yilokho. Uma uNkulunkulu wayelindele noma wamisela ngaphambili uMowabi ukuba ahlangani no-Israyeli, babeyohlangani. Ukuba Wayemmisele ngaphambili u-Esawu ukuba ahambe no-Israyeli, u-Esawu wayezogxumela phakathi ahambe. Kodwa Umnika ifa lakhe ngakolunye uhlangothi lomfula.

⁶⁵ Ngakho ungazama kanjani ukwenza onke amaLuthela aLibone, onke amaBaptisti aLibone, onke amaPresbyterian, namaNazarene, nePilgrim Holiness na? Ungabalahlali. Yilokho kuphela abakwaziyo. Yilokho kuphela okukubo.

⁶⁶ Kodwa kinina enikhulwayo (O Nkulunkulu!), kinina owaziyo, kinina eninokuthile kuwe, obiza uTwa. Uma lonke utwa onalo lwenelisekile, khona-ke hlala lapho okhona. Kodwa kimi nendlu yami, kimi kukhona okungaphezu kwalokho esikubonile. Kukhona iZwe ngaphesheya komfula, ndawondawo. Kusekhona utwa lubizana noTwa. Ngeke nganeliseka ngesayense yezenkolo. Ngeke nganeliseka ngebandla elihle. Ngeke nganeliseka ngomkhankaso omuhle. Ngeke nganeliseka ngenkonzo encane yokuphulukisa. Kukhona okungaphezu kwalokho, okubizayo.

⁶⁷ Ngakho, bayeke kanjalo nje. Qhubeka wedlule. Ungaphikisani nabo. Kodwa sidlulela kwelinye iZwe. Babengakumiselwe ukuhamba nawe. Bangeke bahambe nawe. Bangahamba kanjani ababili bengavumelananga na? Kodwa kulabo abathanda uNkulunkulu, kulabo ababizwe nguNkulunkulu. Awu, bathi, “UNkulunkulu usinika lelibandla. UNkulunkulu wenza *lokhu*.”

Kunjalo. UNkulunkulu wathi, “Nginika u-Esawu lentaba. Ungamthinti. Kodwa Ngikuphathele okuthile okwehlukile. Wela ngaphesheya.” Amen.

⁶⁸ Leso yisifiso sami, bazalwane, ukubona ibandla lami liwela liyongena kwelinye iZwe, isifiso sokudlulela ngakolunye uhlangothi. Uma kukhona okukuwe, *lapha*, kuqala, okubizayo, kuyobakhona Into ethize yokusabela kulolobizo. Ukuzinza nje ekufuyweni kwezimvu, akwenele kuwe. Hamba uye kolunye uhlobo lwebhizinisi, akwenele kuwe. Ukujoyina ibandla nje futhi ufake igama lakho encwadini, akwenele kuwe. Ngoba, kukhona into ethize ebizwa, ngaleya konqenqema ngaleya, ngaphesheya konqenqema olulandelayo, nakho konke ngaphesheya kweJordani, uze uwele ezingalweni zikaNkulunkulu, ngaleya, utwa lubizana noTwa.

⁶⁹ UJoshuwa wayazi ukuthi lomyalo wawumkhulu kakhulu. Niqaphelile lapho na? “Ngi...” Ngenkathi uJoshuwa eqala ukuwela iJordani, ukuthi uJoshuwa wakukhumbula kanjani ukuyalwa kwakhe! “LeNcwadi yomthetho, iZwi laMi, mayingasuki emlonjeni wakho.” Ngamany’amazwi, “Joshuwa, angikhathali ukuthi isizwe sithini, ukuthi bonke

abefundisi basesontweni bathini. Hlala naleliZwi, ngokuba lapho uyakwenza izindlela zakho ziphumelele. Akunandaba ukuthi zingaki izinto ezinkulu abazenzayo, nokuthi zingaki izinto ezincane abazenzayo, nokuthi zingaki izinhlangano abazenzayo, hlala neZwi, Joshuwa.” O, he! “Hlala neZwi, leliZwi. LeliZwi aliyikuphuma emlonyeni wakho.” Ake ngiLifunde futhi.

Qina kuphela ume isibindi kakhulu, ukuba uqaphele ukwenza njengakho konke lokho, wonke umthetho, uMose inceku yami akuyala ngawo: ungaphambuki kuwo ngakwesokunene noma ngakwesokhohlo, . . .

⁷⁰ Uma iZwi lithi, “Yenza into ethize,” Yenze. Angikhathali ukuthi inhlangano ithini. Kwenze, noma kanjani. Lowo nguJoshuwa uNkulunkulu amlindile. Ungaphenduki i-intshi elilodwa, elilodwa elincanyana. Hlala neZwi ngqo.

. . . ungaphambuki kuwo uye ngakwesokunene . . . noma ngakwesokhohlo, ukuze uphumelele . . .

⁷¹ O, nicabanga ukuthi niyaphumelela lapho nakha amabandla amakhulu, nithola izinkulungwane eziyishumi zenezelwa ehlelweni lenu. Lokho akusiyo impumelelo. Lokho akukuthathi isinyathelo esisodwa ukusondela esithembisweni. Esikudingayo ngokukaNkulunkulu okuningi, okuningi kukaMoya oNgcwele.

. . . ukuba ube-nempumelelo nomaphi lapho uya khona.

Lencwadi yomthetho mayingasuki emlonyeni wakho; kepha uyakuzindla ngayo imini nobusuku, . . .

⁷² Lapho ucabanga ukwenza okuthile, ngabe uthatha iZwi likaNkulunkulu ngakho na? Ngabe uyasithola isifiso sakho eZwini na? Ngabe ushumayela lokho okuyiBhayibheli na? Ngabe unjengabaningi nje namhlanje, nabaningi kakhulu, “Nishumayela iMfundiso imiyalo yabantu”?

Lencwadi yomthetho mayingasuki esandleni sakho, noma, emlonyeni wakho; . . .

“Umlomo wakho,” lokho wena okushoyo. Nje ungaLifundi bese usuka uhambe. Khuluma. Liphile. Lifundise.

. . . kepha uyakuzindla ngayo imini nobusuku, ukuba uqaphele ukwenza njengakho konke okulotshwe kuyo: . . .

⁷³ Niyabona ukuthi uJoshuwa walolusuku uzoba yini na? Niyabona ukuthi uJoshuwa weBandla likamoya uzoba yini na? Wuhlobo olufanayo lukaJoshuwa ababenalo ebandleni ngokwemvelo. Ibandla likamoya lizofanele libe yinto efanayo.

Uma iBhayibheli lathi, “Uma umuntu engazalwa ngokusha, angewubone uMbuso kaNkulunkulu,” uJoshuwa wokomoya uyothi, “Amen.”

Uma iBhayibheli lathi, “UJesu Kristu onguye izolo naphakade,” uJoshuwa wokomoya uyosho into efanayo: “Unguye.”

⁷⁴ Uma iBhayibheli lithi, iNcwadi, iZwi lisho, ukuthi, “Hlalani emzini waseJerusalema nize nembathiswe amandla avela Phezulu. Emva kwalokhu uMoya oNgcwele esefikile phezu kwenu, khona-ke niyakuba ngofakazi baMi,” uJoshuwa wokomoya usho into efanayo.

⁷⁵ NjengoPetru, ngoSuku lwePhentekoste, wathi, “Phendukani nibhaphathizwe, yilowo nalowo, eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu, niyakwamukeliswa isiphiwo uMoya oNgcwele,” uJoshuwa wokomoya akasoze ahluka nokukodwa okuncanyana, kodwa uyokwenza khona impela nje iZwi elakusho.

⁷⁶ Uma uMarku 16 athi, “Hambani niye ezweni lonke, nishumayele iVangeli. Okholwayo abhaphathizwe uyakusindiswa; ongakholwayo uyakulahlwa. Nalezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo: ngeGama laMi bayakukhipha amademoni; bakhulume ngezilimi ezintsha; baphathe izinyoka; baphuze okubulalayo, akuyikubalimaza; uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda,” uJoshuwa wokomoya uyosho into efanayo. Uyozindla ngakho imini nobusuku, ukwenza indlela iphumelele.

⁷⁷ Ngifuna niqaphele ukuthi kwenzekeni. UJoshuwa, ngenkathi efika emkhankasweni wakhe wokuqala, isikhathi sakhe sokuqala ukufakazisa ukuthi wayenguJoshuwa wangempela. U-Israyeli wayefanele akwazi lokho.

Akungabazeki, abefundisi basesontweni babenombono ohlukile. Bathi, “Manje sizokhempa nje lapha kuze kube yisikhathi sasentwasahlobo, noma kuze kube yisikhathi sasehlobo, iJordani lizokwehla.”

Futhi kubukeka sengathi uNkulunkulu uphonsa ezinye zezinto eziwubuwula kakhulu phambi kukaJoshuwa wokomoya.

Wamletha lapho ngenyanga ka-Apreli, ngenkathi iJordani laliphindwe kathathu noma kane ubukhulu balo. Wayemzama, ukubona ukuthi ngabe wayenguJoshuwa ngempela yini.

⁷⁸ Makuthi yonke into ihambe kabi. Makuthi omunye umuntu aphumelele. Makuthi iziphambeko ziphumelele. Makuthi amadoda a “nesimo sokumesaba uNkulunkulu, aphike amandla akho,” aphumelele, futhi akusunduze akubuyisele emuva. Kodwa uma wazi ukuthi umi kuphi, uzoma. Kungakhathaleki, uma umhlaba wonke ukwala, uyoma ngokufanayo nje. Awuyikwehluka kuleloZwi.

⁷⁹ IJordani laliphindwe kathathu noma kane ubukhulu balo; isipoki, okubukeka kabi, kunodaka. Kodwa uJoshuwa

wathi, “UNkulunkulu wathi, ‘phakathi kwezinsuku ezintathu,’ siyawela. Futhi siyawela.”

⁸⁰ Manje umfundisi wasesontweni ubeyothi, “Manje umzuzu nje, Joshuwa. Singamadoda afundile. Sihlakaniphile. Abaningi bethu lapha bangonjiniyela abavela eGibhithe. Siyazi ukuthi zenziwa kanjani lezizinto, ngakho sizolinda nje isikhashanyana kuze kuthi umfudlana ucwengeke, futhi singahamba siwele kuwo. Akulula kangako na?”

“Angikhathali ukuthi ucabangani. UNkulunkulu wathi ‘izinsuku ezintathu’ sizowela. Futhi siyawela. Siyawela, ezinsukwini ezintathu.”

⁸¹ Bhekisisani ukuthi uJoshuwa wenzani. Yini ayibeka kuqala, abefundisi basesontweni na? Qhabo, mnumzane. Wabeka iZwi kuqala. Wathi, “Thatha lowomkhumbi. Futhi nonke nina bapristi dedani kuLo. Buyelani emva kwaLo. Ningazami ukuLihola. MaLinihole.”

⁸² Yileyo inkathazo namhlanje. Sizama ukuya ngaphambi kweZwi, futhi sedlule, futhi senze iZwi ukuba lilingane *lokhu*, iZwi ukuba lilingane *lokho*. Azibusiswe izinhliziyu zenu. Esikudingayo namhlanje, ngukuthi, landela iZwi.

⁸³ IZwi lahola indlela. Lapho lifika eJordani, lavuleka base bewela. Umkhankaso wakhe wokuqala, wabeka izinto zokuqala kuqala. Wayenesizathu salokho. Wayenesizathu, ngoba uNkulunkulu wayemyalile, “Hlala neZwi. IZwi malikwenze.” Wonke umkhankaso, baphumela empini, ngoba uNkulunkulu wayemyalile ukubeka umphongolo kuqala.

Emva kokuba umkhumbi usuphumile, yini eyaphuma-ke na? Ukucula, abadlali bezinsimbi, ngaphambi kokuba kuliwe. Haleluya!

⁸⁴ Yilokho esikudingayo namhlanje, yilokho esinakho kulokhu ukusa: abaculi, izinsimbi, ukudlala umnyuziki, ukujabula. Bese-ke ubeka iZwi kuqala, ufunde iZwi. Khona-ke impi iyangena. Sibophezelekile ukuba siqobe, sifanele siqobe nje. Hlala naLo ngqo, gcina indlela yaLo, futhi Liyokugcina ehoreni lenkathazo.

⁸⁵ Wayenesizathu esihle se... Manje, khumbulani, ngenkathi ewela, ngaphambi kokuba awele, wathumela inhloli ngale, ezimbili zazo, ukuba zihlole izwe. Manje, uMose wayethumele lonke iqembu labo ngale, kodwa bonke babuya bedidekile. Bhekisisani inkonzo entsha. Akazange akwenze lokho. Uyazi lapho unemibono ehlukeni engamakhulu ayishumi nanhlanu, unokudideka okungamakhulu ayishumi nanhlanu. Kodwa wathumela ababili, wathi, “Yanini laphaya. Hlolani izwe.”

⁸⁶ Manje sifuna ukwehlela entweni ethize engingafuni niyigeje. Wathi, “Manje, lapho niwela...” Bedlula, ukuba babheke izwe ngale, ukubona uma izithembiso zaziqinisele, babone ukuthi kwakuwuhlobo olunjani lwezwe, nokuthi bafanele

bangene kanjani. Bawela. Amagama ezinhloli awanikezwa. Kodwa ngenkathi bengena ezweni, bafika eJeriko, qobo lwalo. Futhi ngenkathi befika eJeriko, kwenzekani na? Bagijimela kunondindwa, owesifazane onegama elibi.

⁸⁷ Ngifuna ukudweba isithombe. Mhlawumbe akulungile, kodwa ngifuna ukwenza iphuzu ngakho. Asinawo umlando kaRahabi. Siyazi ukuthi wayengunondindwa. Ake sicabange ukuthi wakhuliswa ekhaya elalimpofu ngempela, futhi waba negama elibi. Futhi ungomuhle, owesifazane osemusha. Wangena ezitaladini, ukuyokwenza okokuphilisa unina noyise abakhubazekile; akukho-ndlela kuye ukuba asebenze, kuphela athengise ngezimilo zomzimba wakhe. Kodwa sengiyabona, ngaso sonke isikhathi, wayazi ukuthi lokho kwakungalungile. Kwakukhona into ethize kuye, eyamtshela, “Lokho akulungile ukwenza lokho.” Wayazi ukuthi kwakungalungile.

⁸⁸ Futhi ngoluny’usuku wezwa ukuthi kwakukhona uNkulunkulu owayenyakaza. Inhliziyo yakhe iqala ukuthuthumela. Wathola isithunywa esivela kulowomnyakazo omkhulu, esamtshela okwakuzokwenzeka. Wathini na? Manje, uJoshuwa wayenezibonakaliso. UJoshuwa wayenezibonakaliso ezifanayo uMose ayenazo, ncamashi. Ngakho ngenkathi e... uRahabi akacelanga ukubona isibonakaliso sikaJoshuwa. Wezwa nje.

⁸⁹ Umfanekiso weBandla, umfanekiso weBandla leqiniso elihoshelwe ebufebeni. “NgiyiMethodisti namhlanje, iBaptisti kusasa, iPresbyterian ngosuku olulandelayo,” wadonselwa ebufebeni.

⁹⁰ Kodwa, khona manjalo, umshumayeli omncane ungena emzini futhi uthi, “Kukhona uNkulunkulu ophilayo, ophile izolo futhi unguye namuhla. Amandla aKhe asafana. Wenza imisebenzi efanayo Ayenza ngenkathi Elapha emhlabeni.” Izithunywa zakhe zisendleleni.

⁹¹ Manje, uRahabi unondindwa, owaziwa njengonondindwa, wayengumfanekiso wekholwa namhlanje, ikholwa langempela. Akashongo ukuthi, “Manje ngiyezwa ukuthi—ukuthi uJoshuwa angenza izibonakaliso, ngoba ungolandela uMose. Ngingathanda ukubona lezozibonakaliso. Futhi uma bengingabona lezozibonakaliso, khona-ke ngizokukholwa.” Awu, wayengadingekile ngokoqobo ukuba akhombise lezozibonakaliso, ngoba owesifazane wakukholwa, noma kanjani. Wayengesuye uTomase. Wakukholwa.

⁹² Manje, uMose, ngenkathi enezibonakaliso, wehla futhi wenza lezozibonakaliso, kodwa isibonakaliso akusiyo into eyabayisa ezweni lesithembiso. Kwakungenjalo. Izibonakaliso zazingukuqinisekiswa kokuyalwa.

NoRahabi wakukholwa, engabonanga lutho. Wathi, “Sonke siyathuthumela.”

Akumangalisi, uNikodemu wathi, “Rabi, siyazi ukuthi Ungumfundisi ovela kuNkulunkulu, akekho umuntu ongenza lezizinto ngaphandle uma uNkulunkulu enaYe. Sonke siyakwazi.”

⁹³ Izwe liyakwazi, namhlanje. UBilly Graham uyamemeza, “Sifanele sibuyele ePhentekoste.” UMkhandlu wamaBandla uyamemeza, “Sifanele sibuyele kubaprofethi, kwabakhuluma ngezilimi, kubahumushi bezilimi, ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu, abaphulukisi emabandleni ethu, ukuvumela uMoya kaNkulunkulu ube nelungelo laWo lendlela.” UNkulunkulu wenza ubizo lwaKhe. Abantu bayakwesaba ukumesaba uNkulunkulu kwangempela, futhi bathi, “Yonke into, izinhliziyi zethu ziyehluleka phakathi kwethu.”

⁹⁴ Manje, wayengadingeki ukuba abone isibonakaliso uJoshua ayengasenza ngesandla sakhe noma ngenduku. Wakholwa. Wathi, “Ngizwile, futhi ngiyakholwa. Futhi manje ngicela umusa.” O, besingasibeka kanjani isifundo khona lapha. “Ngicela umusa, wami nendlu yami.”

⁹⁵ Bukani umRoma ngalobobusuku, owahosha inkemba yakhe, futhi wayezozibulala, ujele waseFilipi. UPawulu wathi, “Ungazilimazi. Sonke silapha.”

Wathi, “Ngingenzenjani ukuze ngisindiswe na?”

Wathi, “Kholwa eNkosini uJesu Kristu, wena nendlu yakho niyakusindiswa.”

⁹⁶ Kungani na? “Wena nendlu yakho.” Impela. Indlu yakho iyakusindiswa kanye nawe. Ngani na? Uma unokukholwa okwenele ukuba usindisiwe, ungaba nokukholwa okwenele ukuba umndeni wakho usindiswe. Yebo. “Wena nendlu yakho.”

⁹⁷ Bukani uRahabi. URahabi wathi, “Ngihawukele. Ngisindise. Angifuni ukufa nalaba abangakhulwayo. Angifuni ukufa njengesilwane. Ngifuna ukufela ezingalweni zikaJehova. Ngiyamkholwa uNkulunkulu wakho, ngoba Uyikho kokubili uNkulunkulu weZulu nomhlaba. Wenza izinto ezibonakalayo. Wenza izinto zibe ngokoqobo. Angikaze ngiMbone ekwenza, kodwa ngiyakukholwa, noma kanjani.” Niyabo? Wayengakaze ambone uJoshua. Wezwa nje ngoJoshua. Akakaze ambone uNkulunkulu. Akazange abone noma yimuphi wemisebenzi kaNkulunkulu. Wezwa nje. Abanye babekubonile, futhi yena wakholwa ngokukuzwa. Manje, wathi, “Ngifunela mina umusa, nobaba wami, umama wami. Bobabili sebedadala futhi bakhubazekile. Nginabanye abafowethu. Ngifuna ukuba nokukholwa kwabo.”

⁹⁸ Nenhloli, umshumayeli, wathi, “Yebo, yena uza ngapha, futhi sizolithatha izwe. Manje uma ufuna ukuba basindiswe, bangenise endlini.” Haleluya! “Uma ukukholwa, hamba ubalande futhi ubangenise lapha, ngokuba asizukuba necala uma besezitaladini. Kodwa uma nje uzobangenisa endlini,

sizoba nesibopho,” Haleluya, lapho leyontambo encane ebomvu yayizolenga efasiteleni. “Sizoba nesibopho uma ubafaka endlini.”

⁹⁹ O, bazalwane, uma sake sabakhona isikhathi ebesifanele singenise abathandekayo bethu eNdlini, kunamhlanje, abeNdlu yokuKholwa. Bangenise, ngokuba isikhathi siyeza lapho kuza ukuzamazama. Kuphela, obaba nomama bethu, nabafowethu nodadewethu, baphephile kuphela eNdlini, ngoba amandla kaNkulunkulu azozamazamisa izwe futhi. Kunjalo. Futhi kuphela abeNdlu yokuKholwa bazosindiswa.

¹⁰⁰ “Manje,” wathi, “Anginacala ngaphandle uma ubangenisa endlini.” Futhi wabenza bafunga ukuthi babengeke bambhubhise yena noma umndeni wakhe. Wathi, “Uma uzobangenisa, bazophepha.” Wabehlisa baphuma endaweni, futhi bahamba.

¹⁰¹ Lesisifebe esikhulu, uRahabi, uba yikholwa. Ngathatha umlando wakhe, lapha esikhathini esingesinde esedlule. Emva kokuba ecatshangelwe futhi wangeniswa ekukholweni, ngenxa yokukholwa kwakhe kuNkulunkulu, wangeniswa ekukholweni kuka-Israyeli, iproselite. Waqoma induna ebuthweni, yebutho lakwa-Israyeli. Bhekisisani ukuthi uNkulunkulu wamenzelani lowo wesifazane. Futhi babene... Benyukela eBetlehema, futhi baba nendodana; futhi lendodana, bayibiza ngoBowazi. KuBowazi; waganwa nguRuthe, kuRuthe noBowazi kufika uJese; kuJese kuvela uDavide; kuDavide kuvela uJesu. Haleluya!

¹⁰² Ngani na? “Ukukholwa kuvela ngokuzwa, ukuzwa ngoNkulunkulu onguNkulunkulu weZulu nomhlaba, nokukholwa kuYe.” Ukhohwa ini na? Ukuyalwa uNkulunkulu ayekunikeze indoda egama linguJoshuwa, ekholwa yilowomyalo.

¹⁰³ UJoshuwa wayenokukholwa ekuyalweni kwakhe uqobo, njengoba uMose wayenokukholwa. Izinto zahamba kabi kuMose, kwakubukeka sengathi wehluleka izikhathi eziningi, kodwa wagibela wedlula kukho ngokunqoba futhi wafela eDwaleni. IziNgelosi zamthwala zahamba naye.

¹⁰⁴ Nkulunkulu, mangihambe kanjalo. Mangibambe ukuyalwa kwami kuze kuthi, ngolunye usuku, lapho sengilungele ukufa, ngiyobona iDwala lilele lapho ngakimi. UJoshuwa ugcina umyalo wakhe. Nakuba wayene... UNkulunkulu uyokubamba ngokungcwele, ngoba wahlala ngqo neZwi.

¹⁰⁵ Manje, uRahabi wayazi ukuthi uJoshuwa wayenalokhu kuyalwa. Manje ningakugeji. Bamba lezozinto enhliziyweni yakho. UJoshuwa wayenokuyalwa; uRahabi wakuqonda ngaphambi kokuba abone noma yini. Wayazi ukuthi uJoshuwa wayenamandla kaNkulunkulu ayezothatha izwe. Wacela umusa. UNkulunkulu wamupha umusa. Manje ngenkathi uJoshuwa engena ezweni, kusobala, siyazi wasindiswa.

¹⁰⁶ Kodwa manje-ke okunye ukuyalwa okukhulu uJoshuwa ayenakho, kwakungukuhlukanisa izwe nabantu.

¹⁰⁷ Manje khumbulani, “LeNcwadi yomthetho mayingasuki emlonyeni wakho,” ngakho wayeneZwi likaNkulunkulu. “Njengalokhu Nganginaye uMose, qhubeka ngqo uphume. Njengalokhu Nganginaye uMose, kanjalo Ngizoba nawe. Angeke ngikuhlulekise. Ungahle uNgihlulekise, kodwa angeke ngikuhlulekise. Kodwa uma uNgihlulekisa, umusa waMi wenele, Ngiyokusekela ngqo. Yiba ulokhu uqhubeke nje. Inqobo nje uma uhhlala neZwi laMi, Ngizokunakekela.”

¹⁰⁸ Manje wayefanele ahlukane izwe, futhi kwakukhona izizwe eziyishumi nambili ukulehlukana ngazo. Manje ukuba-ke wayenamapiki nezilwane ezifuywayo na? Ukuba-ke wayesithanda isizwe sakwaGadi kangcono kunoma enza uhlobo lwesizwe sakwa-Efrayimi na? Isizwe sakwaJosefa kangcono kunoma enza kuJuda na? Kodwa akakwenzanga ngaleyondlela. Wakwehlukana ngokweZwi elembulwe nguMoya. Wehlukana ngokwesizwe. Futhi, qaphelani, ukwenze ngesambulo, ngokubona okufihlakele. Ngokubona okufihlakele kukaMoya kaNkulunkulu, wakwenza.

¹⁰⁹ Ngamunye walabomama bamaHeberu, bezala lezozingane, babiza amagama azo. Futhi ngalinye legama labo linenzazelo.

¹¹⁰ UJakobe, ngenkathi ezalwa, eyiwele, wambiza ngo “mqineli,” u*Jakobe*. Kodwa ngenkathi ethola amandla akhe okunqoba, futhi wabambana neNgelosi, UNkulunkulu waguqula igama lakhe lisuka kuJakobe laba ngu-*Israyeli*, “inkosana.”

¹¹¹ Igama liphathelene nokuthile empilweni yakho. Ngenkathi uPetru, umdobi, wayenqobile, ngokukholwa kwakhe kuJesu, Wathi, “Igama lakho unguSimoni. Kodwa Ngizokubiza ngo*Petru*, okuyi ‘dwala.’” Kuyakushintsha. Igama lakho linento ethize ekuhlanganisa nakho, nokubekwa kwakho empilweni.

¹¹² Futhi ngenkathi lento enkulu yenzeka, ngenkathi ngamunye walabomama bamaHeberu, ekusikweni ekubeletheni umntwana, walibiza, njengo “Rubeni,” lokho kwambeka ngokwendawo eyiyona yona ePalastine, ngayo impela indlela lowomama asho ngayo, futhi wabiza igama lakhe, wakusho. Anginakho konke kubhalwe phansi lapha. Kodwa, uthi, *Rubeni* kwakuchaza “umelusi wezimvu.” *Gadi* kusho “umfuyi wezinkomo.” Futhi *Efrayimi* kwakuchaza “umlimi wommbila.”

Manje, ngokubona okufihlakele kokomoya, uJoshuwa, umholi omusha, ngokubona okufihlakeleyo kokomoya, wabeka ngamunye lapho ayengowakhona, wahlukanisa izwe ncamashi nje.

¹¹³ Umfanekiso omuhle kakhulu namhlanje, walokho esikudingela uJoshuwa, namhlanje. Inkathazo namhlanje, lapho sesingena eZweni lethu lesithembiso, uGadi ufuna ukufuya

izimvu njengo-Efrayimi, omunye ufuna ukukhulisa into efana nenyene. Wonke umuntu ufuna ukufana. Ake uNkulunkulu aphe umuntu oyedwa isiphiwo sokuphulukisa, wonke umuntu ufuna isiphiwo sokuphulukisa. U-Efrayimi noGadi, nabo bonke bafuna ukuxubanisa, bonke beza nokukodwa. Kodwa sehlukenene, endaweni yethu. Bonke abanaso isiphiwo sokuhlakanipha. Bonke abaprofethi. Bonke abakhulumi ngolimi. Bonke abasibo abaprofethi. “Kodwa uNkulunkulu umisile eBandleni, abanye abaprofethayo, abanye abakhuluma ngezilimi.” Sifuna ukubenza bonke bakhulume ngezilimi. Niyabona ukuthi kunjani ukudideka na? Khona-ke ungeke ufike ndawo. Awu, amaFilisti ayezobawelisa, kancanyana. Impela. Kodwa lapho umuntu ngamunye, ngomholi, wabehlukanisa ngokubona okufihlakele kokomoya futhi wababeka emzimbeni, lapho bahlala futhi baba ukhilimu womhlaba.

¹¹⁴ Nkulunkulu, siphe uJoshuwa. Nkulunkulu, sibuyisele uJoshuwa ozobamba umyalo ngeZwi.

¹¹⁵ Yileyondlela uNkulunkulu amtshela ngayo. “LeNcwadi yomthetho mayingasuki emlonyeni wakho, ngokuba uyakuzindla ngayo imini nobusuku,” ngokuba wayenomyalo phambi kwakhe.

¹¹⁶ Manje, uJoshuwa waba ngumholi omkhulu kangakanani, engahlulwa neze empini ngaphandle uma kukhona okungahambanga kahle ebandleni. Ngenkathi u-Akani ethatha ucwezu, kwakungesiso isimo sikaJoshuwa, ukukholwa okwakwenzayo. Kwaku, wathatha ingubo yaseBabiloni nesigaxa segolide, ekamu. Futhi ngenkathi ekwenza, kwa—kwayivimbela yonke impi.

¹¹⁷ Kuhlupheka ilungu linye; onke amalungu ayahlupheka. UNkulunkulu eza kukho, ngolunye lwalezizinsuku, mfowethu, yiBandla elingenabala noma umbimbi. Uza eBandleni eligcwaliswe ngoMoya, loloThando lobuNkulunkulu lukaNkulunkulu lwashisela izinhliziyi zabo ndawonye, ukuthi bazohamba njengoyedwa.

¹¹⁸ Impi, yakho konke lokhu kudideka, izofanele inqotshwe. Ngabe iMethodisti iqinisile, iBaptisti iqinisile, iPresbyterian, iPentecostal, iNazarene, iPilgrim Holiness na? Amakhulu ayisishiyagalolunye namashumi ayisithuphanesishiyagalolunye amahlelo ehlukenene, ngaphandle kukaBuda nalabo, nazo zonke ezinye izinhlobo. Sikuphi na? Kukhona okungalungile. Kukhona ucezu ekamu ndawondawo. UJoshuwa wenza izinkatho.

¹¹⁹ Ake ngisho lokhu, kulokhu ukusa, njengo-Eliya eNtabeni iKameli. “Uma uNkulunkulu enguNkulunkulu, makaphendule njengoNkulunkulu.” Uma ihlelo leBaptisti liqinisile, asibabone beveza izibonakaliso zikaJesu Kristu. Uma amaNazarene eqinisile, asiwabone eveza isibonakaliso, enza izinto Azenzayo.

Uma iPentecostal iqinisile, asibabone benza into Ayenzayo. Khona-ke sizokwazi.

Abafundi baka—bakaJoshuwa bathi, “Sizokulandela inqobo nje lapho sibona uNkulunkulu esebenza nawe njengoba Enza kuMose.”

¹²⁰ Nabafundi bakaJesu Kristu bebefanele basho into efanayo. “Sizosebenza nani lapho sibona izibonakaliso zikaJesu Kristu zisebenza nani. Sizokwenza lokho.” Yilokho esifanele sikwenze. Yilokho ibandla elifanele likusho. Leso kufanele kube yisimo sokuziphatha sebandla lamaKristu. Khona-ke ubungahlela, iziphiwo, izibonakaliso, izisebenzi. Uma umuntu oyedwa engumphulukisi ngokukaNkulunkulu, lokho akuhlangene ngalutho nalowo okhuluma ngezilimi. Lowo okhuluma ngezilimi akahlanganise lutho nesiphiwo sokuprofetha. Niyabo? Sinezigaba ezehlukene zalenkonzo.

¹²¹ Manje, ngenkathi uNkulunkulu enginika ukuyalwa kwami. Ngisekele konke lokhu, emuva, ngalenhloso eyodwa. “Iziphiwo nokubizwa kungaphandle kokuphenduka.” Akekho umuntu ongazenza noma yini. UNkulunkulu ukwenza ube yilokho oyikho, ngomusa waKhe. Asinandlela yokuzenza thina uqobo. UJesu wathi, “Ubani, ngokukhathazeka onganezela ingalo eyodwa ebudeni bakhe na?” Ubani ongazenza abe mkhulu noma abe mncane, ngokukhathazeka na? Ungeke wakwenza.

Ngenkathi uNkulunkulu enikeza umyalo, ngakubuza. Ngathi, “Angeneli, noma, angenele. Anginamfundo. Angeke ngizenze lezinto.”

¹²² Futhi abaningi nina bantu lapha kulokhu ukusa, nisaphila lapha namhlanje. Ngenkathi Ebonakala ezansi lapha emfuleni, kulesimo seNsika yoMlilo, futhi wama lapho futhi waphendula. Futhi wathi, “NjengoJohane umBhaphathizi wathunyelwa, umanduleli wokuFika kokuqala kukaKristu, kanjalo noMlayezo wakho uzoba ngukwandulela ukuFika kwesiBili.”

Bukani ukuthi kwenzeni. Lokho kuKhanya kulenga laphaya, kwangena ephapheni, kwahamba yonke indlela ukunqamula i-United States futhi kwangena nakwezinye izizwe.

¹²³ UDokotela Lee Vayle, lapho, wayeseCanada ngalesosikhathi. Uyakhumbula ngenkathi kuvela ephapheni laseCanada, ngikholwa ukuthi kwakuyilo. Kwakungesilo, Lee Vayle na? Ephapheni laseCanada, “UkuKhanya okuyimfihlo kubonakala phezu kwekhanda lomfundisi wendawo ngenkathi ebhaphathiza.”

Abantu abaningi bathi, “Yisayense ephathelene nengqondo.”

¹²⁴ Kodwa ngoluny’usuku uNkulunkulu wanquma ukumisa umlomo wabangakholwayo, ngoba Kwahlala neZwi. LeyoNsika yoMlilo efanayo eyahola abantwana bakwa-Israyeli, iyafana

nje namhlanje, ihola iBandla ngokomoya, efanayo eyalihola ngokwemvelo. Wabonakala futhi, futhi bathatha izithombe phambi kwabagxeki naphambi kwabahloli. Nakhu kulenga manje. IQiniso elingenakuphosisa; enza imisebenzi efanayo, ehola abantu ngokomoya, njengoba Yabahola ngokwemvelo emuva lapho, ihlala neZwi. Manje washo okwakungumyalo. Manje khumbulani, uNkulunkulu akasoze asuka ekuyalweni kwaKhe.

¹²⁵ Uma... Ngithanda ukunidwebela khona, noma ngendlela. Sizokuthatha kanje lapha. *Nasi* isibonakaliso esincane, lokho ngukulaywa. Manje, *nasi* isiphambano esincane, ekhoneni elilodwa; neBhayibheli, kwelinye ikhona; kodwa umbhalo uphakathi nendawo, *lapha*, lokho ngukulaywa.

Ngiyakuyala phambi kukaNkulunkulu neziNgelosi ezikhethiweyo, noJesu Kristu. Umyalo wawungukuthi, “Khulekela abagulayo.”

Umbuzo wawungukuthi, “Akwenele ukukwenza.”

¹²⁶ “Wazalelwa lokhu. Lena yindlela yokuzalwa kwakho okungejwayelekile nokuphila, ukuthi ufanele ukhulekele abagulayo. Uma uzobathola ukuba bakukholwe, futhi ubeqotho lapho ukhuleka, akukho lutho oluyoma phambi komkhuleko wakho, hhayi ngisho kumdlavuza.” Bangaki okufundile lokho, eminyakeni? [iBandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Kusemhlabeni wonke.

¹²⁷ Manje, manje ngithe, “Ngeke ngakwenza, ngoba angenele ukukwenza. Ngeke bangikholwe. Ngimpofu. Anginamfundo.” Lowo kwakuyimi ngibuza.

¹²⁸ Wathi, “Njengoba uMose wanikwa izibonakaliso ezimbili ukuqinisekisa ukuyalwa kwakhe, kanjalo ba...” Hhayi ukuthi “wena *uzokwenza*.” “Nina *ninikwa* izibonakaliso ezimbili. Esinye sazo sizoba ngesandla sakho. Esinye sizoba ngukuthi uyokwazi yona impela imfihlo yenhliziyoyabo, imicabango yengqondo yabo. Futhi ngalokhu bayokholwa, ngalezizibonakaliso ezimbili.” Manje khumbulani. I... Lalelani. Ningehluleki ukuthola lokhu. Isibonakaliso asisikho ukuyalwa. Isibonakaliso sikhomba kuphela ekuyalweni.

¹²⁹ Uphumela lapha emgwaqeni futhi ubone isayini, futhi ithi, “Amamayela amahlanu ukuya eJeffersonville.” Leyo akusiyo iJeffersonville. Leyo yisayini ukukukhombisa ukuthi usemgwaqeni oyiwo.

¹³⁰ Ukuba-ke uMose, ngenkathi ehlela lapho wayenesibonakaliso, nenduku nangesandla sakhe; isibonakaliso lapha asisenakho ukuyalwa kunoma sasinjalo kuMose. Kuthiwani uma onke ama-Israyeli ethi, “Ake nisho, nonke nina maGibhithe, nonke nina ma-Israyeli, wozani ngapha. Sinomuntu ongenza icebo lokuphamba ngesandla sakhe. Benifanele nikubone. Sinomuntu ongathatha induku futhi enze

inyoka ngayo. Wozani, nikubone”? Leso kwakuyisigxobo nje sophawu. Lokho kwakungesikho ukuyalwa. Babengalindele isigxobo sophawu. Nkulunkulu sisize. Babelindele ukukhululwa.

¹³¹ Nalelizwe elimpofu, eligulayo, elikhubazekile lilindele ukukhululwa, futhi libuka isigxobo sophawu. Yiba nomusa! Isigxobo sophawu asilutho ngaphandle kophawu ukufakazisa ukuyalwa. Nanso inkonzo entsha. Kwembuliwe kimi nje. “Khulekela abagulayo. Thola abantu ukuba bakukholwe.” UNkulunkulu akasoze akushiya lokho. Lokho ngukuyala kwaKhe, akunandaba ukuthi kwenzekani, ukuthi ngehluleka kangakanani. Ngihluleka kalusizi. Bengingafanele ngiqhubeke nalezozibonakaliso. Leyo kwakungesiyo intando kaNkulunkulu, kodwa uNkulunkulu ukubusisile, noma kanjani. Kodwa sengilungele ukusuka kulentaba. Ngifuna ukuwela iJordani, ngifuna ukuthwala umyalo. “Thola abantu ukuba bakukholwe.”

Ngathi, “Ngeke bangikholwe.”

“Kuyokwenezelwa izibonakaliso ezimbili.”

¹³² Manje inkathazo yakho ingukuthi, kade sibuka isibonakaliso. “O, uMfowethu Branham! Niyabo? Beka isandla sakho phezu kwakhe, wena, o, ubufanele ubone ukuthi kwenzekani. Yima phambi kwakhe lapho ugcobo luphezu kwakhe, futhi uzokutshela konke okusenhliziyweni yakho.” Lelo yiqiniso.

¹³³ Ngahamba ngangena esibhedlela lapha, ngolunye usuku. Kwakukhona odokotela, abakwazanga ukuthola ukuthi yini eyayingalungile ngowesifazane. Ngenkathi odokotela bephuma egumbini, inekazi lahamba labuyela emuva. Futhi lalimile, embhedeni, futhi, “Bathe abatholi lutho kimi, engalungile.” Lathi, “Mfowethu Branham, ungangitshela.”

Ngathi, “Uma uzongikholwa, ngingakwenza.”

Lathi, “Ngiyakholwa.”

¹³⁴ NoMoya oNgewele wathi, “Into *ethize-thize*. Kuyilokho-ke. Impela. Manje bonani ukuthi lokho akusikho yini.” Liyilunga lebandla likaJunie Cash.

Omunye wesifazane lapho, wathi, “Umhlane wami.” Wathi, “Abakutholi okukwenzile.”

Ngathi, “Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe na?”

Wathi, “Ngiyakholwa.”

¹³⁵ Ngathi, “Kwenzekeni, emuva ngaleya ekuqaleni kwenyanga kaJuni, wena... Ba—bazama ukusebenza kuwe, futhi bezama ukuhlinza umgodla ogudlukile. Akunjalo. Kungumthambo oncinyekile. Wakuthola ngokuphakamisa umthwalo, ngenkathi usebenza kwaMcSpaddin’s Market.”

Wathi, “Ngiyakhumbula ngenkathi kwenziwa. Ngiyakukhumbula manje.”

¹³⁶ Lokho akumphulukisi. Lokho kuphela kukhomba ekuyalweni. Yeka ukwencika esigxotsheni sophawu. Asiqhubekele emzini. Asisuke kulentaba. Asifike emzini. Asiwele iJordani.

¹³⁷ Ngonile. Ngenze okungalungile. Yingakho ngisekele lezizintshumayelo ngendlela engizenze ngayo. Isizathu, Wathi, “Njengalokhu Nganginaye uMose, kanjalo Ngizoba nawe,” futhi ngenkathi lesoSandla sehla futhi sakhomba kulowomBhalo ofanayo. Sekuyisikhathi eside ngizibuza, ngoba bengingazi ukuthi ukuyalwa bekuyini. Ngibheke into ethize engaphezu kwemvelo ngaleya kwalokho. UNkulunkulu angeke adeda ekuyaleni kwaKhe. UNkulunkulu unikeza umyalo, yilokho okufanele kuhlale.

¹³⁸ Kodwa bonke abantu bePentecostal bathanda izibonakaliso. Bayathanda ukukubona. IBhayibheli lathi, “Isizukulwane esibi nesiphingayo sifuna izibonakaliso.” Kodwa umyalo wawungukuthi, “Khulekela abagulayo.” Futhi amashumi ezinkulungwane aphindwe kazinkulungwane, engihlulekile ukuwakhulekela, ngoba bonke babefisa isibonakaliso. Bonke bayasifisa.

¹³⁹ Ngolunye usuku, ngangizama ukwenza inkonzo, ngayifaka ekamelweni. Nendoda iza emsamo, yathi, “Manje, Mfowethu Branham, awume kancane. Udaba lwami lwehlukile. Ngifanele ngazi okuthize nje.” Ngathi, “Awu, udokotela ubengakuhlola.”

“O, angikufuni lokho. Ngi—ngifuna ukwazi khona manje. Udaba lwami lwehluke kakhulu.”

Ngathi, “Awu, ngiyakuzonda ukwenza lokhu, mfowethu.” Ngaqhubeka ngangena kukho. Futhi into yokuqala niyazi, uMoya oNgcwele wakwembula.

Wathi, “Mayibongwe iNkosi. Kunjalo.”

Ngathi, “Nonke nina abanye wozani manje. Ake nginikhulekele.”

¹⁴⁰ Ngenkathi ngenza lokho, niyazi ukuthi olandelayo wathini na? “Udaba lwami lusemqoka nje njengolwakhe.” Ngase ngithola cishe abayisithupha noma abayisishiyagalombili, ngase ngivala umhlangano. Kuthi ukungibulala.

¹⁴¹ Bengihlala njalo ngizibuza, kungani lokho kungenza lokho kimi na? Yingoba ngangikwenza ngokungesikho. Lokho nje yisigxobo sophawu sikhomba ekuyalweni. Akusikho ukuyalwa. Lesosigxobo sophawu sibethelwe phansi, umhlaba jikelele. Nezilimi, e-Afrika, eNdiya, e-Eshiya, eYurophu, emhlabeni jikelele, emashumini ezinkulungwane nezigidi zabantu, bayazi ngalesosigxobo sophawu. Sengilungele ukusuka kulentaba. Ngifuna ukuqhubekela ngaphesheya kweJordani. Ngifuna

ukungena entweni ethize ngaleya, lapho ukukholwa kwami kuzovuka kufinyelele endawaneni, lapho ngikhulekela abantu, bayophulukiswa.

Bhekisisani, uNkulunkulu ukubuyisela ngqo emathangeni abantu. “Wazalelwa ukuba ukhulekele abantu abagulayo. Uma ungabathola ukuba bakholwe.”

Ngathi, “Abayikukholwa.”

¹⁴² Wathi, “Ngizokunika izibonakaliso ezimbili, futhi ngalokhu bazokholwa.” Qaphelani, manje-ke, lezizibonakaliso, babuthane zona, izigxobo zophawu, esikhundleni sokuyalwa. “Ngikholelwa ukuthi wena wathunywa ukuba ukhuleke.”

¹⁴³ Manje lapho abantu bengena emgqeni, ukuba bakhulekelwe, ngokushesha nje lapho oyedwa eshaya indawana... Akukho engingakwenza ngakho baze bashaye kuleyondawana. Futhi lapho benza, khona-ke ngithi, “Ngikunika...”

¹⁴⁴ UHattie Wright, yena, ngiqagele ulapha kulokhu ukusa, ehlezi khona lapho. Wayengowokuqala, ngenkathi sibona lezozingwejeje; futhi wayewazi umyalo ngalokho, futhi ngenkathi lezozikhathi ezizisikhombisa ezilandelayo uNkulunkulu wadala okuthile. Ngathi, “Lowo nguNkulunkulu ofanayo owayengadalela u-Abrahama inqama, ukumkholisa ngokuyalwa kwakhe; nguNkulunkulu ofanayo ongadala ingwejeje, ngoba yilokho ebengikudinga.”

¹⁴⁵ UHattie Wright omdadlana lapho, ehlezi ngemuva kwesakhiwo. Nenhliziyi yakhe isukile ezintweni zezwe, wayekholwa. Wathi, “Mfowethu Branham, lokho akulutho ngaphandle kweqiniso.” Akakushongo nje *elapha*. UNkulunkulu wakhuluma ngenhliziyi yakhe.

Ngathi, “Hattie, cela okuthandayo. Ngizokunika khona.”

Wathi, “Ngifanele ngiceleni na?”

¹⁴⁶ Ngathi, “Unobaba nomama omdala abahlezi lapha. Unodade okhubazekile. Usahlezi kulesosihlalo. Ubungamcelela. Ubungacelela umama wakho, ubaba. Wena umpofu. Awunamali. Cela okufunayo.”

Wathi, “Awu, angazi ukuthi ngiceleni.” Wathi, “Angazi nje.” Wathi, “Isifiso sami esikhulu kunazo zonke yinsindiso yabafana bami ababili.”

¹⁴⁷ Ngathi, “Ngikunika abafana bakho, eGameni likaJesu Kristu.” Futhi bobabili baphenduka, bayayithanda iNkosi uJesu. Bobabili babhaphathizwe eGameni laKhe, futhi bekhonza uNkulunkulu, nsuku zonke, ngayo yonke inhliziyi yabo.

U-Ed Daulton, ohlezi lapha ndawondawo, khona phansi lapha. Mayelana nabantwana bakhe, into efanayo.

148 Ngibonile, okungenani, emkhankasweni, amakhulu ayisishiyagalombili noma ayisishiyagalolunye, mhlawumbe abantu abayinkulungwane benqamule emsamo, emhlanganweni, ngamunye ngamunye. Into yokuqala niyazi, ngiyakhuphuka futhi ngibakhulekele. Impela, bayasinda. Futhi nakhu kufika intombazane encane, ibulawa yilukhemiya isifo sokuphaphatheka kwegazi. Impela, ngangazi ukuthi yini eyayingalungile ngomntwana. Angizange ngithi vu kunoma yimuphi wabo. Kodwa ngenkathi lowomntwana efika lapho, ngathi, “S’thandwa, ngikunika isifiso senhliziyo yakho. Unelukhemiya isifo sokuphaphatheka kwegazi. Futhi ngikunika ukuphulukiswa kwakho, eGameni leNkosi uJesu.”

149 Ngaphendukela ezethamelini. Futhi ngathi, “Ngiphosela inselelo noma ubani kini lapha: Thatha leyontombazane uyise kudokotela, ayihlole, futhi ubone ukuthi ayinalo yini ibala lelukhemiya isifo sokuphaphatheka kwegazi.” Kungani na? Lowomntwana wayezwile, njengoRahabi unondindwa. Wakukholwa ngenhliziyo yakhe yonke. Khona-ke uNkulunkulu, ngoMoya waKhe, wahlehla wayesethi, “Nguye lowo.” Amakhulu ayedlule emsamo, ngaphandle, ngokwazi kwami, emukela noma yini. Ngavele ngabakhulekela nje.

150 Babuyele ngqo kubantu, “Uma uzokholwa.” Umyalo wanikezwa. Lokho ngokwasekuqaleni. Isigxobo sophawu sesikhiqiziwe. Manje uma ungakukholwa lokho, uma uzokholwa ukuthi uNkulunkulu wangithuma ezweni ukuba ngikhulekele abantu abagulayo, ngiyokwazi ukunikhulekela umkhuleko wokukholwa. Yileyondlela kuphela okungenziwa ngayo.

151 UNkulunkulu akasoze asuka ekuyaleni kwaKhe. Ngehlulekile kuYe. Ngibe nakho lapha, cishe iminyaka eyishumi nane, ngingenalutho ngaphandle kokubona okufihlakele okulandelanayo, emhlabeni wonke jikelele, kuze kube ngamashumi ezinkulungwane zezikhathi, izehlakalo eziyisigidi, ngiqagele. Nginibuza into eyodwa, ngabe kwake kwehluleka na? Qhabo, mnumzane. Futhi uma isigxobo sophawu singeke sehluleke, kakhulu kangakanani umyalo ungasoze wehluleka. Uma uphawu, leyo yingxenyane encane; uma isayini ikhomba idolobha, uma ingehluleki ukukutshela ukuthi idolobha lilapho, kakhulu kangakanani umuzi uyoba lapho lapho ufika. Nanko umyalo.

152 Manje inkonzo yami iyaguquka. Isivele iguqukile. Kuyobe kusekhona ukubona okufihlakele. Kuzolokhu kuqhubeka njengoba nje ngizwa ukuthi uNkulunkulu ufuna ngikusho. Kodwa kuze kube ngaleyonkathi, ngizokhuleka, ngibeke izandla phezu kwabagulayo, njengoba Engitshela ukuba ngenze, futhi ngenze ukuyalwa kwami. Sengikulinde isikhathi eside lokhu, kodwa ngiyakholwa manje ukuthi sesilungele ukuthatha iZwe lesethembiso. Futhi impela nje njengoba kuzobakhona,

kuzobakhona abanye oRahabi abalindile, kuzoba khona olindile ozoKukholwa ngayo yonke inhliziyoyabo.

¹⁵³ Ningaqonda na? Wonke umuntu ukuqonda kahle lokho, phakamisa isandla sakho. Bangaki okholwayo ukuthi lokho kungokomBhalo uqobo na? Kuyilokho impela Akusho. *Lokhu* ukuyalwa; *lezi* kwakuyizigxobo zamasayini zikhomba ekuyalweni.

¹⁵⁴ Manje ngiphosela inselelo noma ubani ukuba angitshele, nomaphi emhlabeni, kulamateyipu, nomaphi lapho angaya khona, ngikhombise kanye ukuthi Wake wehluleka ukusho emsamo, noma ngaphandle kunoma yimuphi umbono kumbe noma yini, ngaphandle kokwakuyinto efanele ngempela, kufezeka njengoba nje Asho. Kwatshela wonke umuntu ncamashi ukuthi izinkathazo zabo zaziwini, nakho konke ngakho, nokuthi beza kuphi, nakho konke mayelana nokuthi bafanele benzeni. Futhi ngaso sonke isikhathi Kwathi ISHO KANJE INKOSI kunoma yini yokuphulukisa, kwenzeka ngaleyondlela. Uma wazi okukodwa, ngazise ngakho. Ngizoya eteyipini futhi ngithole. Akukaze kwehluleke, kuleminyaka emide eyishumi nambili, noma, iminyaka eyishumi nane. Akukaze kwehluleke, ngoba ngeke kwehluleke. Isibonakaliso sanikezwa nguNkulunkulu. Ngeke kwehluleka.

¹⁵⁵ Futhi ngaphambi kokuba uNkulunkulu anikeze isibonakaliso, Unikeza umyalo, ngaphambi kokuba kubekhona isibonakaliso sokukhomba emyalweni. Ngaphambi kokuba kubekhona isayini yokukhomba idolobha, kuzofanele kubekhona idolobha, kuqala, ukukhomba kulo. Uma ukukholiwe ngayo yonke inhliziyoyakho, uzokwemukela. “Umkhuleko wokukholwa uyakumsindisa ogulayo, noNkulunkulu uyakumvusa.”

¹⁵⁶ Manje, ngiye ngancika kakhulu esigxotsheni sophawu, qobo lwami. “Nkosi, Ngikhombise ngalokhu ngaphambi kokuba ngibakhulekele, ngoba angazi ukuthi ngingahle ngenzeni.” Kwakuwunya kanjani lokho! Ngicela ibandla lingithethelele. Amabandla omhlaba, alalele kuleteyipu, ngithetheleleni. Nganginephutha. Ngangingafanele neze ngikwenze kanjalo. Lokho kwakungesiwo umyalo waKhe endaweni yokuqala. Leso kwakuyisibonakaliso esikhomba ekuyalweni. Bengifanele ngikhulekele abagulayo, ndawo zonke.

¹⁵⁷ Manje, niyabo, sekubuyele emuva ngqo futhi emathangeni abantu, uma nizokholwa ukuthi uNkulunkulu wayala lokhu ukuba kwenziwe. Nakhu kuseZwini, kuhambisana neZwi impela nje, ukuthunywa. Futhi ngithi . . .

¹⁵⁸ Ngidweba lapha ngomunwe wami, ikhothamo, uthingo lwenkosazana. Leso yisivumelwano, uNkulunkulu asenza nabantu. Wenza isivumelwano nesintu, Wayengeke esabhubhisa

izwe ngamanzi. Wenza isivumelwano nalowo nalowo wabaphostoli baKhe. Wenza isivumelwano nomprofethi.

¹⁵⁹ Futhi ngaleya, ishumi nanhlanu, ishumi nane, iminyaka eyishumi nanhlanu ethile eyedlula, ngo 1937. Meyi ziyisi 7, 1937, ngicabanga ukuthi kwakunguye. Ukuthi, uNkulunkulu wenza isivumelwano nami, ethi, “Wazalwa kulelizwe, ukukhulekela abantu abagulayo. Uma ungabathola ukuba bakukholwe...” Inhliziyo yami yayihlala njalo ingeyabantu. “Uma uzothola labobantu ukuba bakukholwe, bese-ke ubeqotho lapho ukhuleka, akukho lutho oluyoma phambi komkhuleko wakho.”

¹⁶⁰ Ngikusho lokhu ngobuqotho nangobuso obunamahloni. Uma kukhona noma ubani obefanele abe nokukholwa, bekungaba yimi. Ukubona ukuthi Wenzeni, lapho Engikhiphe khona, umgodi engagwedwa kuwo! Ukubona, phansi empilweni, lokho Akwenzile! Niyabo, lapho ngima futhi ngisho into ethize, uNkulunkulu uzofika azungeze ngqo futhi akusekele, iqiniso.

¹⁶¹ Eminyakeni eyadlula, ngenkathi nginitshela ukuthi kwakukhona iNgelosi eza kimi esihlahleni. Ngenkathi ngineminyaka emithathu kuphela ubudala, ukuKhanya, isivunguvungu sivunguza esihlahleni, futhi sangitshela, “ngingalokothi ngibheme, ngiphuze, noma yini enye,” kwakuyoba nomsebenzi wami ukuba ngiwenze lapho sengimdala. Ubunelungelo lokukungabaza lokho. Ubungenalungelo, kodwa ubungakungabaza.

¹⁶² Ezansi lapha emfuleni, ngenkathi Ehla futhi Wazifakazisa ukuthi uyilokho. Phezulu lapho ebesimi khona, abaningi benu abahlezi lapha kulokhu ukusa bebemi lapho, bekhona. Abaningi benu bayazi ukuthi lokho kuyiqiniso.

¹⁶³ Abaningi benu bayakhumbula ngaleyonkathi ngenkathi kunikwa umyalo. Futhi Wathi, “Hambani, nalenkonzo izoya ezweni lonke, imvuselelo izoqala.” Futhi kade kunemvuselelo selokhu ingakaze ibe khona. Imvuselelo isaqhubeka, emhlabeni jikelele manje, imikhankaso emikhulu yokuphulukisa emhlabeni wonke.

¹⁶⁴ Futhi mina, kusukela kumuntu, igundwane elincane. Angikusho lokhu, akusikho ukungahloniphi kumama wami ohlezi lapho, noma ubaba wami oshonile osewahamba, omngcwabo wakhe washunyayelwa kulelipulpiti. Ngakhuliswa emndenini omubi kabi. Niyakwazi. Kungekho namunye wethu amaKristu. Ubaba wami wayephuza. UNkulunkulu uthathe indodana yesidakwa, futhi ubeyongigeza eGazini laKhe. Lapho ngiye ezansi nedolobha ukuyokhuluma nomunye umuntu, futhi ngikhulume nenye indoda, ubengakhuluma nami kuphela ngoba akekho omunye umuntu abengakhuluma naye. Omunye umuntu ubengakhuphuka, asho noma ubani, akunandaba ukuthi kwakungubani lowo okhuphukayo, babesuka kimi ngoba ngangiyindodana yesidakwa. Futhi abaningi nina bantu lapha

ebandleni lami uqobo uyazi ukuthi lelo yiqiniso. Nganginegama sengathi angikaze...noma njengesilwane noma okuthize. Ngisho nangesinye isikhathi kwashiwo ngedolobha, kumuntu ofika endlini yethu, wathi, “Ungazihlanganisa nemfucumfucu enjengaleyo na?” O! Kodwa, Nkulunkulu, yini engangifanele ngiqhubeke ngayo ngaphandle kweGazi likaJesu Kristu. Anginamfundo. Anginabo ubuntu. Anginalutho.

¹⁶⁵ Ngatshela umkami, esikhathini esingeside esedlule, “Cabanga ngokuthi kwakuyini ngenkathi kungekho-muntu owayekhuluma nami. Futhi ngiyabathanda abantu. Babengilalele.” Ngiyakhumbula ngifunda incwadi, ngiya esikoleni...

¹⁶⁶ Ngathumela abantwana bami esikoleni, ngolunye usuku. Futhi ngangikwazi ukuthola lezozincwadi nezinto. Futhi ngangibonga kanjani! Ngangiya esikoleni, ngingafake zicathulo, izinwele zilenga entanyeni yami; kungekho izingubo; ngigqoke ibhantshi elidadlana, kungenayembe ngaphansi kwalo. Ngangingenalo ngisho ipensela lomsizi, noma isiqephu sephepha ukubhala kuso. Ngadingeka ngiboleke ipensela lomsizi, ipensela lomsizi nesiqephu sephepha, ukubhala izibalo ezazisebhodini, noma okuthize. Lutho. Kwakungalungile...

¹⁶⁷ Futhi ngiyakhumbula ngifunda encwadini, ngolunye usuku, lapho u-Abraham Lincoln ehla khona e—esikebheni ezansi phakathi, ngiyakholwa, eNew Orleans. Lapho wabona, emi edlelweni, abanye abantwana abancane abangamaNigro, nezinyawo zabo ezincane, lapho inkomazi endala yayilale khona ubusuku bonke, yasusa isithwathwa emhlabathini. Futhi waye...Babemi lapho becula, “Unezicathulo, futhi nginezicathulo, futhi bonke abantwana bakaNkulunkulu banezicathulo.”

¹⁶⁸ Ngenkathi ehla esikebheni, wabheka. Kumi esibayaneni senkunzi, futhi nakho kumi enkulukazi, indoda eyikhaladi ephilile imi lapho. Umkayo omncane nengane engalweni yakhe, ekhala. Babeyithengisa endalini, ukuyizalanisa nabesifazane abakhulu ngokuthe xaxa, ukwenza izigqila ezinkulu ngokuthe xaxa.

¹⁶⁹ ULincoln wagoqa izandla zakhe *kanjalo*, futhi washayanisa izibhakela zakhe ndawonye. Wathi, “Yiphutha lelo.” Wathi, “Ngolunye usuku ngiyokushaya lokho, uma kuthatha impilo yami.” Kwathatha impilo yakhe. Kodwa wakushaya, futhi wakubulala.

¹⁷⁰ Ngathi, “Lokhu kuphuza, lokhu kuphila ngokungafanele, akulungile. Ngolunye usuku ngizokushaya.” Ngangizokushaya kanjani, negama njengoba nganginalo na? Akekho owayengakhuluma nami. Yingalesosizathu ngabuza ukuyalwa kwami. Akekho owayenginakekela. Kwakungekho-muntu, ndawo; nje phakathi kwabantu bakithi lapha.

¹⁷¹ Ngomusa kaNkulunkulu, ngifanele ngishiye ikhaya lami; Angikwazi ngisho ukuhlala lapho, ngenxa yabantu emhlabeni jikelele, beshaya izingcingo. Amadoda azo zonke izinhlobo, amakhosi anamandla, amakhosi amakhulu, amakhosi, abantu abakhulu, osomabhizinisi, abefundisi, abavela emhlabeni wonke jikelele, beshaya ucingo; beshaya ucingo, beshaya ucingo, beshaya ucingo, usuku emva kosuku, ubusuku emva kobusuku. Kwenziwa yini na? IGazi likaJesu Kristu elisemphefumulweni wami. Njengoba igazi lika-Abraham Lincoln lakhumula ibhande lobugqila lendoda eyikhaladi; iGazi likaJesu Kristu lasusa amaketango esono kimi. Futhi langisusa egameni elaliphansi kunegama lesilwane, futhi langibeka igama njengendodana yomusa waKhe—waKhe.

¹⁷² Sengilungele ukuya eJordani, kulokhu ukusa. Sengilungele ukuma ekuyalweni kwami. Ngibathandle abantu. Ngibanakekele. Uhlangane nami, umbono emva kombono, engingenaso isikhathi sokuwusho, futhi niyazi. Kubhalwe khona lapha, kwingemuva lalezizincwadi, kuthi, “Unakekela abantu kakhulu. Ukuhamba naMi, uyohamba wedwa. Ugcizelela kakhulu kulezozibonakaliso.”

¹⁷³ Bengingazi ukuthi konke okunye kwakho bekuyini, kodwa ihora selifikile. Ihora selifikile, ngenkathi ngibone iSandla sehlela kuJoshuwa, sathi, “NganginoMose. Ngiyoba nawe.” Ngiyakukholwa, kulokhu ukusa. Kusukela manje kuqhubeke, nanamuhla kuqhubeke, ngizokhonza uNkulunkulu ekuyalweni kwami. Uma Efuna ukungikhombisa izibonakaliso, noma efuna ukungikhombisa imibono, Angangikhombisa khona. Uma Engakwenzi; angisoze ngama phambi kwabantu, ngizama ukuvumela ukukholwa kwabo kudonse okuthize kuphume kimi, nhlobo. Ngizokhulekela abagulayo futhi ngibanikele kuNkulunkulu, futhi ngibadelele bahambe. Uma bekhola ukuyalwa, uNkulunkulu uqinisile nje. Ungilethe kuze kube lapha, njengoba nje Enza kuMose. Njengoba Enza nje kuJoshuwa, kanjalo kwenze okufanayo.

¹⁷⁴ Umkhuleko wami othobekile ungukuthi, “Nkulunkulu, ngithethelele. Mangivuke ngizame futhi. Ngisize, Nkosi. Mangihole lababantu, futhi ngibabeke eZwini, ukuze senyukele eJordani, siye eZweni lesethembiso, lapho iBandla elikhulu likaNkulunkulu elihlengiwe liyosindiswa ukuba lingabe lisona.” Leso yisifiso sami kulokhu ukusa. Kukholwe, futhi uphile. Kukholwe, futhi uphulukiswe. Ngikhuluma kini eGameni leNkosi.

Asikhuleke.

¹⁷⁵ Nkosi Nkulunkulu, Mdali wamazulu nomhlaba, Mqalisi wokuPhila okuphakade, noMnikezeli wazo zonke izipho ezinhle, isihawu saKho nomusa makube phezu kwenceku yaKho, kuqala, Nkosi. Ngenze okungalungile ebusweni baKho,

ngokusebenzisa kabi into ethize ebikade ingenobuNkulunkulu, ngoba abantu bakudonsile kimi, Nkosi. Ngiyakhuleka kuWe, O Nkosi Nkulunkulu, kusukela kulelihora kuqhubeke, ngiyale, Nkosi, ngoMoya waKho. Ngiyakholwa, ngayo yonke inhliziyoyami. Siza, Wena, ukungakholwa kwami.

¹⁷⁶ Futhi lapho abesilisa nabesifazane beza ukuzokhulekelwa, lokho ngizokwenza inqobo nje uma Unginika ukuphefumula nokuphila. Mabakholwe manje, njengoba bekhulekelwa, Baba. Kwangathi lomyalo Onginike wona, kwangathi ngingakwazi ukuwuthwala ezweni lonke. Futhi lapho ngifika ezindaweni ezithile lapho isigxobo sophawu sibethelwe phansi, kwangathi bangazi ukuthi lokho kuphela kukhomba ekuyalweni. Kwangathi bangaba nokukholwa.

¹⁷⁷ Nkosi, neke ngisalindela u—uhlobo oluthize lwesibonakaliso noma okuthize, ukungitshela izinto ezithize, noma ngabe lomuntu uzosinda yini. Ngizohamba ngiyohlangana nesitha, nokukholwa enhliziyweni yami uqobo. Ngizohamba ngisiphosele inselelo, ngincike eGazini likaJesu Kristu, ukuthi ngeGazi likaKristu, angeke ame.

¹⁷⁸ Manje, uma zonke lezizinto bezilungile, ezifakazelwe ukuthi zilungile, kanjalo Uzophulukisa abagulayo lapho ngibakhulekela, Nkosi. YiZwi laKho. Yisithembiso saKho. Lokhu ngifisa ukukwenza. Siza, Wena, ukungakholwa kwami.

¹⁷⁹ Thethelela izono zami, Nkosi, zokungaKulaleli. Angazanga ukuthi yini enye okufanele ngiyenze. Mina, uma ngikwenzile, Nkosi, bekungakembulwa futhi kwacaciswa kimi. Manje kucacile. Ngiyazi lapho ngimi khona. Ngiyawazi umyalo wami. Futhi angisoze ngavumela leliZwi lisuke emlonyeni wami, imini noma ubusuku. Bengihlala njalo ngimi ngakuLo, Nkosi, ngama ngakuLo, ngitshela abantu. Lokho, uma kungesilo iZwi likaNkulunkulu, nginokungabaza ngalo. Kodwa bengingashumayela noma ngingenzi lutho ngaphandle kokuthi kube yiZwi likaNkulunkulu.

¹⁸⁰ Kodwa Nkosi, sengiyakhathala, nginyathela ngizungeza phezu kwalomhlabathi ofanayo. Njengoba ngishilo izolo ebusuku, “Iminyaka engamashumi amane ehlane, emuva naphambili, emuva naphambili.” UNkulunkulu ebusisa, yebo, ekhulisa izimvu nabantwana, nanoma yini okunye, nemihlambi yezimvu nezinkomo, nakho konke okunye. Nkulunkulu, Wababusisa. Kodwa ngoluny’usuku Wathi, “Usuhlale isikhathi eside kulentaba. O, yenyukela enyakatho, ngaseJordani.”

¹⁸¹ Nkulunkulu, ngiyaqala, kulokhu ukusa. Ngishiya lezizigxobo zezimpawu, ngoba kukhomba ngaseZweni elingcono. Ngingakhubeka. Ngingahle ngidlule kuma-Amaleki. Ngingahle ngidabule kumaHeti, ngidabule kumaKhanani. Ngingahle ngidingeke ngedlule ekugxekeni kwami uqobo. Nkosi, ngizoqhubeke nje. Ngiyazi kukhona iZwe ngaleya,

ndawondawo. Kukhona ndawondawo, isimo esithize, enye indawo esingafika kuyo, lapho Oyophendula khona umkhuleko, ukuthi noma yini esiyicelayo siyakunikwa yona; akukho ngisho umdlavuzo oyoma phambi komkhuleko. Ngiyazi ukuthi lokho kuyiqiniso. Ukuthi ngiyakholwa, futhi ngikulindlele, Nkosi njengoba ngizinikela kuWe, kulokhu ukusa, ngenkonzo yaKho, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

Kholwa kuphela, kholwa kuphela,
Konke kuyenzeka, kholwa kuphela;
Kholwa kuphela, kholwa kuphela,
Konke kuyenzeka, kholwa kuphela.

¹⁸² [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Manje, iteyipu icishiwe, ngoba lena izohamba izwe lonke. Lokho kuvela enhliziyweni yami. Ningaqonda, bandla na?

¹⁸³ UNkulunkulu akasoze asho noma yini futhi abuyele kuKho. AmaZwi aKhe awanakuphosisa. Izithembiso zaKhe ziyiqiniso. Sonke lesisikhathi, kade ngilindlele lelihora. Niyabo? “Ngumkhuleko wokukholwa osindisa ogulayo,” hhayi isibonakaliso. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] “Uma ukholwa,” uJesu wathi, “Ngingakwenza. Ngingakwenza, uma ukholwa.” Manje uma uNkulunkulu engiphe amandla okukhuleka umkhuleko wokukholwa phezu kwenu, futhi ukwethembisile futhi waqinisekisa ukuthi kuyiqiniso, manje niyakholwa na? [Ibandla lithi, “Amen.”] Engikucelayo, ngiyakwemukela, uma ukukholwa. “Uma ungathola abantu ukuba bakholwe, futhi ubeqotho lapho ukhuleka, akukho lutho oluyoma phambi komkhuleko wakho.”

¹⁸⁴ Mfowethu, dadewethu, uma ngike ngifune ukuba qotho, kumanje, emva kwawo wonke amaphutha ami liyabonakala. Engikufunayo. . . Isizathu sokuba ngilethe lemiLayezo, ngaphambilini, ukuthi uNkulunkulu ukhombisa lapho ukuthi Unesihawu. UMose wenza amaphutha akhe, indoda enkulu njengaye. Kwase kuthi-ke ngenkathi uJoshuwa ekhuphuka, wayezokwenza awakhe, naye. Kodwa uNkulunkulu wathi, “Njengalokhu Nganginaye uMose, kanjalo Ngizoba nawe.”

¹⁸⁵ Manje bukani uNkulunkulu, eminyakeni emibili edlule, ekhomba lowomBhalo kimi ngqo. “Njengalokhu Nganginaye uMose, kanjalo Ngizoba nawe. Angizukubuka amaphutha akho.” Wayazi ukuthi lelihora laliza. Manje kulapha, niyabo, kubuyela emuva ngqo futhi, ngoba uNkulunkulu akasoze asuka kukho.

¹⁸⁶ “Ngokukholwa usindisiwe.” Bangaki okwaziyo lokho na? Abekho abaningi, mangaki amadoda alungile akukhulekelayo, bangaki abashumayeli abalungileyo oshumayela kuwe, ufanele ube nokukholwa okuqondene nawe kwensindiso. Ngabe kunjalo na? Kungokwakho uqobo. Angikhathali ukuthi zingaki izintshumayelo ezinhle ozizwayo, ukuthi mangaki

amabandla amahle okhonza kuwo, ngukukholwa okuqondene nawe okukusindisayo. Ukhala kakhulu kangakanani, uncenga kangakanani, udazuluka kangakanani, usina kangakanani eMoyeni; usindiswa kuphela ngokukholwa kwakho. Kunjalo na? Yileyondlela kuphela ophulukiswa ngayo.

¹⁸⁷ Uma uNkulunkulu enika umuntu umlayezo, umshumayeli; umshumayeli ushumayela insindiso futhi anikeze umlayezo, uyawubona lowomlayezo uyiQiniso, uNkulunkulu uyawuqinisekisa ngeZwi laKhe, ukuthi uyiQiniso. Khona-ke ufanele usikholwe kakhulu kangakanani-ke isiphiwo sokuphulukisa, sibe siqinisekiswe yiZwi nayiNgelosi. Ngezibonakaliso ezimbili ezikhombe ukungabi naphutha kwazo zombili, ukuthi ufanele kangakanani, kholwa! Niyabo? Futhi inqobo nje. . .

¹⁸⁸ Ukukhombisa ukuthi kwakungesiyo impela intando kaNkulunkulu ephelile ukwenza lokho, isibonakaliso sasihlale singiqeda amandla. Bangaki okwaziyo lokho na? Buza ukumami emuva lapho, angakutshela. Lowo, ukushaya kabi kunawo wonke umuntu; uzofanele angibekezelele. Ngingazi kal'khuni ukuthi ukuphi, futhi uhambahamba, na—*nalokhu, lokho*. Awazi nje, hamba—hamba wehle ngomgwaqo isiqephu esincane, futhi ume.

¹⁸⁹ Manje, ngivela kulemihlangano yokugcina. Ngathatha labobantu emgqeni. Kuqala, besiyoba nobusuku obuthi abube bubili, obuthathu, ngaphandle kokunikeza amakhadi omkhuleko. Khona-ke unombuthano onjalo, besiyodingeka sikhipe amakhadi omkhuleko. Ngangima, ngesinye isikhathi, futhi ngigijime amashumi amahlanu noma amashumi ayisikhombisa-nanhlanu. Mhlawumbe ube nokwahlukanisa okungamashumi amane noma amashumi amahlanu, ngesikhathi esisodwa, ubusuku ngabunye. Kunjalo, Gene, Leo, nawe okhona ngapha, osemhlanganweni na? Impela kwakuyiqiniso! Futhi kwenzani na? Ngenkathi kungishiya, ukuqala ekhaya, ngangiyokhohlwa ukuthi ngangikuphi; ngifuna ukwazi ukuthi ngangivelaphi, emgwaqeni omkhulu.

¹⁹⁰ Futhi uqonde ukungitshela, uNkulunkulu wenza lokho kumuntu na? Qhabo, mnumzane. Kwakuyindoda izenzela yona, ngokuthatha isigxobo sophawu esikhundleni sokuthunywa. Ngama ngaphansi kwesihlahla esidadlana lapho, eceleni komgwaqo, ndawondawo eWashington, noma ndawondawo phezulu phakathi lapho. Ngathi, “Nkosi, uma nje Uzongivumela ngizithintithe ngibuyele kimi, ngilunge futhi, ngisize ukuba ngazi ukuthi yini iqiniso, ukuze ngiqonde ngqo kanye nabantu, futhi ngiqondise umyalo.”

¹⁹¹ Sengikutholile manje. Ngihlezi phansi lapha eceleni kwentaba, yaseKentucky, ngolunye usuku, sekuthi akube

semini ngokunye ukusa, Wakwembula kimi. Futhi yikho lokhu; yikho lokhu. Manje ngiya eGameni leNkosi uJesu. E-hhe.

¹⁹² Kukholwe, futhi uphile. Kukholwe, futhi usinde. Angikwazi ukwenza muntu akukholwe. Ufanele ukukholwe, qobo lwakho. Kodwa nginitshele iQiniso. UNkulunkulu ufakazile ukuthi kwakuyiQiniso, ngeZwi laKhe, ngeNgelosi yaKhe, ngezibonakaliso nezimanga, iminyaka emide eyishumi nambili. Uma bengezukukukholwa manje, abasoze bakukholwa. Ngabe kunjalo na? Kodwa ihora selifikile, lapho ngikhathele ukuhlala kulentaba. Ngifuna ukwenyukela eJordani. Ngifuna ukungena ezithembisweni ezigwele. Ngifuna ukuthola ukukholwa phakathi kwami uqobo, ngingabheki isibonakaliso, ngingabheki entweni ethize uNkulunkulu ayembulile, noma uhlobo oluthize lwesigxobo sophawu. Ngifuna ukubuka ngaseKalvari, ngithi, “Ngokukholwa ngiyeza, Nkosi Nkulunkulu. Ngiza ngeGama leNkosi uJesu.”

¹⁹³ Manje kunabanye phakathi lapha abazokhulekelwa, kulokhu ukusa. Ngayeza ukuzohlangabezana nesifo nokuhlupheka komzimba wakho, eGameni likaJesu Kristu. Ngizokwenza lokho uNkulunkulu aze asuse impilo yami kimi. Kunjalo. Inqobo nje uma Enginika umqondo nokuqonda, ngizoza ukukhuleka. Ungehluleki, kulokho okukholwayo, ukuthi lapho ngikukhulekela, uzosinda. Kuxazulule lokho. Uma ungakukholwa, khona-ke ungezi nhlobo, ngoba uzozilimaza wena kuphela.

¹⁹⁴ Manje kuseteyipini, futhi kulapha. Kusukela emva kwalokhu kuqhubeka, akusekho ukubona okufihlakele uNkulunkulu aze anginike i...ungitshela ukuba ngenze into ethize. Uthi, “Hamba, utshele lomuntu into ethize,” khona-ke ngizohamba ngibatshele. Ubeyothi, “Yenza into *ethize*,” ngiyohamba ngiyenze.

¹⁹⁵ Kodwa mayelana nokuma lapho, uthi, “Manje ngibuke. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke. Yebo. *Lokhu, ukuthi-nokuthi*. UnguJohn Doe, uvele *ekuthini-nokuthi*. Ubunomdlavuza, isikhathi eside *kangaka*. UDokotela uS’bani-bani wakutshela ukuthi wawungezokusinda. Uhambe wenza into *ethize*. Manje ufanele ukubuyisele emuva *lokho*, futhi ulungise *lokhu*. Futhi uthole *lokhu*, ngaphambi kokuba usinde. Kulungile. Mfowethu Doe, qhubeka manje, kukholwe. Manje, unguDadewethu uS’bani-bani. Uvela *ekuthini-thini*. Uvela e *kuthini-thini*.” Lapho ngingena esivunguvungwini, ngingazi ukuthi ngenzeni, kal’khuni. Futhi into yokuqala, niyazi, khona-ke nangu omunye. Ngiyabuka, futhi ngibone ukuthi ngibuka bani. Bese-ke ngiphuma emhlanganweni, futhi, “Ngikuphi na?” Akusekho okunye kwalokho.

¹⁹⁶ Ngiza ngeGama leNkosi uJesu, njengenceku yaKhe. Uma uNkulunkulu engakakufakazisi kini ngalesisikhathi,

ukuthi nginitshele iQiniso, khona-ke anisoze nakholwa ukuthi nginitshele iQiniso. Amen. Kunjalo. Kuyiqiniso. Bangaki ofuna ukukhulekelwa na? Phakamisa isandla sakho. Kulungile.

¹⁹⁷ Manje ngifuna uTeddy. Ngabe uTeddy usesesakhiweni na? [Umfowethu uthi, “Qhabo. Udingeke ahambe.”—Umhl.] Udingeke ahambe. Ubani umshayi wopiyano lapha, ongadlala iculo, *Kholwa Kuphela*, adlalele mina, uma uthanda? Uma umuntu-mumbe elapha ongadlala. Unakho na? Noma, unayo iteyipu, unayo yini, ndawondawo na? Uma noma ubani elapha ofuna ukusidlalela, *Kholwa Kuphela*, omunye umshayi wopiyano, woza ngaphambili ngqo. Owesilisa noma owesifazane, akunandaba, singajabula ukuba nawe. Kulungile. Manje usalidlalela phansi, uma uthanda, dadewethu, othandekayo.

¹⁹⁸ Manje asizukuwakhapha amakhadi omkhuleko. Lapho sisemihlanganweni emincane kanje, asikudingi. Lapho sisemihlanganweni emikhulu, sisazodingeka sikhuphe amakhadi omkhuleko, uma ngikhulekela amakhulu amahlanu. Ubuyobe usadingeka, ngoba uthola abaningi kakhulu e, bashwibeka bangena esixukwini, uyabo.

¹⁹⁹ Bangaki okholwayo ukuthi lena yintando kaNkulunkulu na? O, Into ethize ingenza nje ngizizwe ngenze kahle. Kukhona okwenza...Kusukile esifubeni sami. Sekube lapho iminyaka eyishumi nambili, ngazi ukuthi bekukhona okungalungile, Mfowethu Lee. Manje ngiyazi ukuthi kusukile lapho. Ngikushilo; kuyateyishwa. Futhi sekusukile esifubeni sami manje.

²⁰⁰ Khumbula, ungasindiswa kuphela ngokukholwa okuqondene nawe. Ungaphulukiswa kuphela ngokukholwa okuqondene nawe. Uyakholwa lokhu ukuthi kuyiBhayibheli na? IZwi likaNkulunkulu. Uyakholwa ukuthi umelusi wakho uyindoda kaNkulunkulu, noma yiliphi ibandla oya kulo na? Uma ungakholwa, ufanele ukushiye. Finyelela kumuntu oyindoda kaNkulunkulu. Khona-ke uma umkholwa, kholwa ukuthi ukutshela iQiniso, khona-ke Lemukele. Ukukholwa okuqondene nawe kuKristu kuyakusindisa. Akunandaba ukuthi umelusi wakho ulunge kanjani; ukuthi umesaba kanjani uNkulunkulu, umama wakho unobungewele kanjani; ukuthi lingokoqobo kanjani—kanjani iZwi likaNkulunkulu; ukhala kangakanani; ukuthi ukhuleka kangakanani. Ngokukholwa kwakho okukusindisayo. Ngokukholwa usindisiwe.

²⁰¹ Manje into efanayo iyasebenza. Akunandaba ukuthi kanjani...IZwi likaNkulunkulu lithi Uyothumela lokhu ngezinsuku zokugcina. Izintshumayelo ezimbili ezilandelayo manje, ngaletsa u-Israyeli wemvelo no-Israyeli wokomoya, ndawonye. Sibheke uJoshuwa walolusuku, onguMoya oNgewele, ukuba asiholele eZweni. Uzofanele akhulume ngomunye

umuntu, ngoba UnguMoya. Nginitshelile lokho Angitshele khona. Manje kholwa, futhi uphulukiswe.

²⁰² Manje makuthi laba, ngakulohlangothi lomugqa. Doc, yehlela lapho. Billy Paul, uphi uBilly na? Yenyukela lapha uzosiza, Doc, uma uthanda.

²⁰³ Futhi manje ngamunye wenu uza ngalomugqa womkhuleko, khumbulani, kuzowela kubuye kuwe ngqo, uma ungakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho. YiQiniso; ufanele uLikholwe. Manje khumbulani, nguwe, lowo ogulayo. UNkulunkulu waKusho eBhayibheli laKhe. UNkulunkulu waKuthumela ngesithunywa saKhe. UNkulunkulu waKufakazisa ngeNgelosi yaKhe. Manje ufanele uKukholwe.

²⁰⁴ Manje, kuwena ofuna ukukhulekelwa, nakhu okwashiwo yiBhayibheli: “Uma bebeka izandla phezu kwabagulayo, bayosinda.” Futhi lelo yiQiniso. Futhi sifuna ukukukholwa lokho, ngayo yonke inhliziyo yethu, manje, futhi uNkulunkulu uzokupha ukuphulukiswa kwakho.

²⁰⁵ Manje wozani *ngapha*, nedlule khona *lapha*, futhi ubuye emuva ngqo. Makuthi *lelical*, bese kuba *yilolu* olunye uhlangothi. Buya ngqo ngendlela efanayo. Makuthi *lolohlangothi* lusukume ngakwesokudla, *ngapha*. Uthini? [Omunye ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] Ngizokwehla khona lapha. Yebo, mnumzane. Khona phansi lapha, ukubakhulekela.

²⁰⁶ Manje, lezizincwadi amaletsha namaduku, ngiwakhulekele. Abaningi benu, abanye benu, mhlawumbe, bafanele bahambe. Ningakhohlwa kulobubusuku, manje, inkonzo isekuqinisekiswa, *Ukuqinisekiswa KoboNkulunkulu KweBandla LeQiniso*. Niyabo?

²⁰⁷ Manje, kuwena ozo...uzokhulekelwa, uyakholwa ngokoqobo ukuthi uzophulukiswa na? Uma ungakholwa, ungezi. Uma ukholwa, kungumsebenzi wakho ukuba uze.

²⁰⁸ Manje, angisuye umphulukisi, kodwa nginesiphiwo sokuphulukisa. Lokho kwafakazelwa. Kufakazisiwe ukuthi lelo yiqiniso. Niyabo? Emuva le, kudala, ngiyakhumbula, ngangivame ukuphuma ngiye esibhedlela lapha ngenkathi nje ngangangumshumayeli wendawo weBaptisti lapha, wendawo. Ngangiphuma ngiye esibhedlela. Kwakuvamise ukuba nonesi omdala phandle lapho. Wayehlala ezansi eHoward Park. Angazi noma ngabe usekhona lapho, noma qha, esibhedlela. Wayevame ukuthi esigulini, “Manje uzosinda. Manje uzosinda.” Uthi, “Lowomshumayeli omncane oyiBaptisti uyeza ukuzokukhulekela.” Uyabo? Nje kwaku... Kwakuqala. Kwakunjalo. Kwakungaleyo ndlela. Futhi manje kwakuzohlakazeka, kusuka endaweni lapha, emhlabeni jikelele.

²⁰⁹ Futhi manje Unginika lezizibonakaliso, ukwenzela imfundo yami. Manje ukuba nganginemfundo yabanye balaba abanye

abefundisi, isibonelo nje, oyedwa engazi ngaye, mhlawumbe ngoMfowethu Neville noma uDokotela Vayle, abanye balabo, ngi—bengingeke ngibe nalokhu. Kodwa ngifanele ngibe nakho, ukwenza lokhu, ukuthatha lokho ebengingenakho ngendlela yemfundo. Kwadingeka ngibe nezibonakaliso. Futhi njengoba nje... Izibonakaliso zifakazisile nje ngempumelelo njengoba imfundo ibingenza. Kodwa, niyabo, uma ungenaso isidingakalo, uNkulunkulu uyakwazi ukukunika isidingakalo ngenye indlela.

²¹⁰ Manje ninokukholwa futhi niyakholwa. Manje ngifuna ngamunye wenu nethembise uNkulunkulu, lapho enimi khona. Ngoba, uma ungakwenzi, ngeke kukusize. Ngifuna ngamunye wenu abeke eceleni onke amathunzi okungabaza. Futhi lapho nedlula emgqeni, lapho nginikhulekela, ngifuna niphume lapha. Ungahle ungaboni nechashaza elilodwa lemiphumela. Kodwa, lokho, uJesu akazange athi, “NiKubonile na? NiKuzwile na?” Wathi, “NiKukholiwe na? NiKukholiwe na? Uma ukholwa.”

²¹¹ Manje, ngikuqaphelile lokhu, endleleni. Ngikhulekela abantu. Abanye babo Wayengeke; Wasebenza kulokho kubona okufihlakele; babehamba, bethi, “Hhe! Angitholanga lutho. Akazange angitshele lutho.” Lowomuntu ngokwejwayelekile akatholanga lutho, naye.

²¹² Kodwa abanye babo bawela umugqa, bethi, “NgiyaKubonga, Nkosi. Ngiyakukholwa.” Kwakuyilabo engezwa ngabo, “Uyazi, Mfowethu Branham, angikaze ngizwe mehluko, izinsuku eziningana,” mhlawumbe amaviki amabili noma amathathu, noma yini okunye. “Kodwa, khona manjalo, ngiqala ukuzwa leyonto ingishiya. Niyabo? Lokho, nakho kwahamba.” Niyabo? Niyabo? Niyabo?

²¹³ Ungahle uthi uyakholwa. Kunezigaba ezintathu zabantu ezethamela umhlangano, lokho ngukuthi: abangakholwayo, abazenzisi, namakholwa. Abanye babo benza sengathi bayakholwa, “O, yebo, ngiyakholwa,” kodwa abakholwa. Uma ukukholwa...

²¹⁴ Ngifuna ukunibuza lombuzo manje. Uma ukukholwa, kuyinto engenakwenzeka kuwe ukuba ungaphulukiswa. Lalelani. Ake ngikuphinde lokho. Akunakwenzeka nhlobo ukuba wena ungaphulukiswa, uma ukukholwa.

²¹⁵ Kuqala, iZwi likaNkulunkulu lish...linikeza umyalo. Uyakukholwa lokho na? IZwi likaNkulunkulu lasho njalo, kuqala. Lokho kungaphezu kwakho konke. Into yesibili, iNgelosi yeNkosi ikufakazisile, izibonakaliso zikuqinisekisile. Ngabe kunjalo na? Manje, akukho nokukodwa ukwehluleka, akukho ndawo.

²¹⁶ Akukho nokukodwa ukwehluleka eZwini likaNkulunkulu, elathi, “Nga—ngake ngabapha ukuphulukiswa, kodwa manje Ngiyakususa kubo.” Ngifuna umuntu angikhombise lokho. Ngizonikhombisa lapho uJesu ayala khona iBandla laKhe

ukuba likhulekele abagulayo, nomkhuleko wokukholwa uyakumsindisa ogulayo. Manje ngitsheleni lapho Athi kwakungeke kuphinde kwenzekwe. Ngikhombise eBhayibhelini. Niyabo?

²¹⁷ Wathi, ngezinsuku zokugcina Uyokwenza lezizinto ezithile, avuse lezizinto. Bukani ukuthi kwenzekani. Uligcinile iZwi laKhe. Nginitshelile ukuthi Wangiyala, manje izwe liyakwazi. Isayense iyakwazi. INgelosi yeNkosi iyakufakazisa. Nemiphumela ifakazisile ukuthi kuyiqiniso.

Siphila ezweni eligulayo. Kunokuningi ozokhulekelwa. Ngacabanga, “Impela ikhona enye indlela, ngaphandle kwalokho.”

²¹⁸ UMfowethu Moore wathi kimi ngesinye isikhathi... Kwakukhona intombazanyana bandla igaqazela yenyuka esakhiweni, ikhubazekile. Into encane bandla, izama ukukhuphukela lapho engangikhona. Ngabheka phansi. Umntwana waqala ukukhala. Awu, abakwazanga ukumngenisa emgqeni. Wayengenalo ikhadi lomkhuleko. Ngingazi, lowo bekungubusuku bokugcina bomntwana. UMfowethu Moore nabo bamsiza ukuba aphume emgqeni.

Ngosuku olulandelayo, sahlala futhi saxoxa ngakho. Wathi, “Mfowethu Branham, lokho kungilimazile.”

Ngathi, “Kukulimazile? Ucabanga ukuthi kwenzeni kimi na?” Niyabo?

²¹⁹ Encane, intombazane ekhubazekile! Lokho kwanginamathela. Futhi lokho sekucishe kube yiminyaka eyishumi edlule, encane, intombazane ekhubazekile ngale e-Illinois. Ikhanda elincane elimnyama, amehlo ansundu, ikhasa, uvendle oluncane, izama ukukhuphukela lapho engangikhona. Nabangenisi ezansi lapho babefanele bayisize futhi bayihlalise emuva esihlalweni sayo. Yakhasa yaphuma esihlalweni sayo, ukuba ikhuphukele lapho. Ngani na? Ungathatha kuphela abanengi kangako. Futhi ukuba nganginqamule abanye, ngayifaka lapho ngaphandle kwekhadi lomkhuleko, abanye bebeyolimala umuzwa wabo. Niyabo? Kunjalo. Angikwazanga ukukwenza. Ngathi, “Impela ikhona enye indlela ethize.” Ngifisa sengathi ngabe ngazi ngaleyonkathi engikwaziyo manje, izinto beziyokwehluka, impela ngabe zehlukile.

Manje, ngamunye wenu, into kuphela eyonivimbela ukuba niphulukiswe, ukuthi anikukholwa.

Manje asikhothamise ikhanda lethu.

²²⁰ Baba wethu waseZulwini, lapha kumi ophuphuthekile, okhubazekile, ohluphekile, ogulayo, obulawa ngumdlavuzwa, izilonda emathunjini, amathumba. Bonke bami lapha emgqeni, Nkosi. Ngishumayeke iZwi. Futhi iminyaka eyishumi nambili, Ukuqinisekile Lokho emhlabeni jikelele. Ngicele intethelelo,

futhi ngiyazi ukuthi angikwenzanga ngamabomu. Ngakwenza ngoba ngangicabanga ukuthi ngangenza kahle. Manje ngiyeza, Nkosi, ngiza kuWe, ngokuzithoba. NgiKucela ukuba ubusise imikhuleko yami, ukuthi, lapho ngikhulekela lababantu, bonke bazophulukiswa. Busisa ukukholwa kwabo. Siza ukungakholwa kwethu, Nkosi.

²²¹ Futhi kwangathi wonke umuntu, kulokhu ukusa, angawubamba ngempela umbono. Kwangathi bangelahlekelwe lutho lwakho. Kodwa kwangathi bangakubona, ngokomBhalo, futhi bacabange ngeNgelosi yeNkosi emuva lapho ekuqaleni, yathi, “NjengoMose wanikwa iziphiwo ezimbili.” Kwase kuthi-ke, eminyakeni emibili edlule, eletha iBhayibheli, neSandla sehla, lokho, njengoba kulotshwe odongeni eBabiloni; isandla somuntu, sasibukeka kanjalo, esakhomba phansi eBhayibhelini, kulesisahluke esifanayo, “Njengalokhu Nganginaye uMose, kanjalo Ngizoba nawe.” Futhi, Baba, nakhu kulokhu ukusa, kulethwa ekukhanyeni. SiyaKubonga ngalokhu, Nkosi. Ngithethelele ngephutha lami.

²²² Futhi manje njengoba singena kulomhlango womkhuleko, kwangathi amandla kaNkulunkulu angaphulukisa wonke umuntu ogulayo odlula emgqeni. Ngihamba nje njengenceku yaKho, ngingaceli noma yiluphi ugcobo olukhethekile, noma yini ekhethekile noma yini. Kodwa ngokwazi lokhu, ukuthi empilweni yami yilokho kuyalwa, ngiyahamba ukuyokwenza, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

²²³ Manje, Mfowethu Neville, uma uzoma lapha. Manje, ngalesisiphiwo, angizokusigcoba ngamafutha. Niyabo? Ngizokwenza nje lokho Angitshela ukuba ngikwenze, njengoba umyalo wathi, “Thola abantu ukuba bakukholwe. Yiba gotho.” Uyakholwa na? Khona-ke ngiqotho. Kukhona okumele kwenzeke.

²²⁴ UMfowethu Neville uzohola ngamaculo. Nonke khulekani, ngokuthula, ngenkathi ngikhulekela abagulayo.

Nkosi Jesu, ngibeka izandla phezu kowesifazane onalamatshe ezinsweni. Futhi ngiyawakhuza, eGameni likaJesu Kristu. Kwangathi angahamba futhi aphulukiswa.

Kwenzekeni na? Inkathazo yakho na?

Nkosi, ngibeka izandla zami phezu komfowethu, lenkathazo yendlala yesinye. Futhi ngiyawakhuza lamandla kadeveli, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

Lomkhuba wenkanuko...?...

Nkosi, ngibeka izandla zami phezu kukadadewethu nalemilenze emibi evuvukele. Ngiyakukhuza lokho kuvuvukala, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

Hamba, kukholwe, Dadewethu, njengoba nje sishilo.

Nkosi! Ngenkathazo yenhliziyi nezinye izifo. Ngibeka izandla zami phezu kukadawethu, futhi ngikhuza lokhu, eGameni likaJesu, ngomyalo wami.

Nkosi, ngokwehluleka ukubona, nenkathazo yenhliziyi. Ngiyakukhuza, ngalona wesifazane, ngokuyalwa kwami okuvela kuNkulunkulu. EGameni likaJesu. Amen.

Kuzofanele kube njalo nje. Kuzolunga, Dadawethu...?... Ngiyakukholwa ngenhliziyi yami yonke. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

²²⁵ Lelo yiqiniso. Uma kuyisikhathi sakho sokuhamba, ufanele uhambe ngenye indlela. Kunjalo. Kodwa, kuqala, ngaphambi kokuba Akutshale, uma uzoba qotho futhi ungakungabazi, uzosinda. Kunjalo impela.

²²⁶ ULazaru wavuswa kwabafileyo. Wafa futhi. Kodwa wavuswa kwabafileyo, ukukhombisa ukuthi uNkulunkulu uyasigcina isithembiso saKhe kubantu. Wathi, “Mariya, uyakholwa yilokhu na? NgingukuVuka nokuPhila. Ngiyalwe nguNkulunkulu, ukuvusa abafileyo. Uyakukholwa lokhu na?”

Wathi, “Yebo, Nkosi. Ngiyakholwa ukuthi UyiNdodana kaNkulunkulu, efikile ezweni.”

Wathi, “Nimbelele kuphi na?” E-hhe.

Wadingeka afe futhi. Kodwa Wamvusa, ukukhombisa ukuthi WayengukuVuka nokuPhila. Niyabo?

²²⁷ UNkulunkulu wenza lezozinto, futhi yonke into isenqubweni yobuNkulunkulu. O, ngijabula kakhulu ukusho lokho. Yonke into isenqubweni ngokuphelele. Uma ungakholwa, yonke into oyicelayo uphiwa yona. Kuzofanele kube njalo. Kulungile.

Qhubekani nje nikhuleka manje, sisaqedela umugqa.

UNkulunkulu akubusise.

²²⁸ Nkosi Jesu, udawawethu ugula kakhulu, engizwa ngimi lapha, ngishumayela lawomazwi. Kwangathi—kwangathi lobu buvila obuncane bokungabaza nje bungasuka kubo bonke, Nkosi. Kwangathi bangasukuma, bashiye lentaba endala yokuhamba beya emuva naphambili; baqhubekele eJordani, Nkosi. Siphe khona, Nkosi. Kwangathi udawawethu angahamba lendlela yezinyawo manje, kusukela kulelihora kuqhubeke, ekholwa ukuthi uNkulunkulu uphulukisa umzimba wakhe. EGameni likaJesu. Hamba ngendlela yakho, uthokoza.

UNkulunkulu akubusise.

²²⁹ Nkosi Jesu, mnike isifiso senhliziyi yakhe, ngendodakazi yakhe nomndeni wakhe. Ngiyakhuleka, ukuthi, eGameni likaJesu, wemukela lokhu; njengoba nginikela umkhuleko wami nokukholwa kwami, ngokubeka izandla phezu kwakhe. Ukuba bengingaKukholwa, bengingeke ngibeke izandla zami phezu kwakhe. Uma bengikholwa ukuthi Ubungeke ukwenze,

bengingeke ngimkhulekele. Kodwa ngiyakholwa, Nkosi. Futhi uyakholwa, naye. Futhi sibeka ukukholwa kwethu ndawonye, sikholwa ukuthi siyakwemukela. Amen.

[Umfowethu ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] UNkulunkulu, akubusise, Pat.

²³⁰ Nkosi, ngabantwana bakhe abaligugu ufuna basindiswe. Ukuthola kunzima ukuzwa. Udokotela uthi izingwengwezi ziza esweni. Ufuna ukuphilela inkazimulo kaNkulunkulu. Muphe khona, Nkosi, njengoba ngicela lesisicelo somfowethu, sinikela umkhuleko ngaso, eGameni likaJesu. Amen.

Busiswa, mfowethu. Ungangabazi. Kholwa ngokuyikho lokho okucelile.

[Udade ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] UNkulunkulu akubusise, Dadewethu.

²³¹ Nkosi, lona wesifazane omncane ompofu emi lapha ngenxa yendodana yakhe, ingozi yemoto noma okuthize, Nkosi, okuyilimazile. Futhi uyofakela isikhumba. Ukhulekela umzimba wakhe nensindiso. Ukhulekela abathandekayo bakhe. Ucelela isimo sakhe sokwethuka, Nkosi. Usezohlakazeka nje. Nkulunkulu, ngikhulekela ukuthi Uzomnika isifiso senhliziyo yakhe. Mphulukise ezinhluphekweni zakhe, futhi umsindise. EGameni likaJesu, ngibeka lomkhuleko wokukholwa phezu kwakhe. Amen.

UNkulunkulu akubusise, dadewethu. Hamba, kholwa ukuthi Uzokwenza. UNkulunkulu akubusise.

Nkosi, ngensindiso yabathandekayo bakhe. Ngikhulekela ukuthi Uzomupha isicelo sakhe, eGameni likaJesu. Amen.

Kholwa manje, dadewethu, ukuthi uyakwemukela lokho, khona-ke kungokwakho. Uma ukukholwa, kuzofanele kufezeke.

Ngowethu uMfowethu Ted Dudley. Unjani? Mayibusiswe inhliziyo yakho. Endiza yonke indlela esuka ePhoenix, e-Arizona. Ngabe kuyashisa laphaya...?...

Lelonenekazi, lapha, laphulukiswa emhlanganweni wami. Lalivelaphi na? UngowasePhoenix, nenekazi na? Awuveli... WawusePhoenix, okomhlangano.

Ufuna Akwenzeleni, Ted na? [Umfowethu uthi, "Asuse isifuba somoya kimi."—Umhl.] Asuse isifuba somoya kuwe. UNkulunkulu akubusise!...?...

²³² Nkulunkulu othandekayo, njengoba lomfowethu othandeka kakhulu ube lusizo kithi, Nkosi, nasembangeleni yabantu abanomthwalo. Ngikhulekela ukuthi Uzomsiza namhlanje. Eza yonke indlela evela ePhoenix, e-Arizona, ukuba akhulekelwe, ukuba ame kulomugqa, ukuzwa uMlayezo, ukumkhuthaza. Nkosi, kubonakale kungumhlatshele omkhulu. Kunjalo.

²³³ Kodwa indlovukazi yaseNingizimu yafika, izinyanga ezintathu, emhlane wekameli, idabula ogwadule lwaseSahara, ukuzakuzwa ukuhlakanipha kukaSolomoni. Futhi bhekani lapha kukhona omkhulu kunoSolomoni; uMoya oNgcwele ulapha, omkhulu kunoSolomoni.

²³⁴ Nkosi, ngikhulekela ukuthi Uzomphulukisa kulokhu ukuhlupheka komzimba wakhe. Mnike isifiso senhliziyo yakhe. Makahambe endleleni emiselwe yena. Kwangathi ukulunga kukaNkulunkulu kungahlala phezu kwakhe. Ngicela lesisibusiso somfowethu, eGameni likaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu. Amen.

Ted, njengoba ubuya, hamba nakho. Kungokwakho. Ngikunika khona. Hamba futhi ukwemukele.

²³⁵ UMfowethu George, cishe wonke umuntu uyamazi uGeorge Wright. Bangaki oyikhumbulayo indaba, ngenkathi efa maduze nje na? Bonke odokotela bedlula ngakuye. Nomzimba wakhe wawuvukele *kanjalo*, ihlule legazi enhliziyweni yakhe. Odokotela abaningana babemdelile. Ngahamba ngayomkhulekela. UMfowethu Funk, ubelapha esikhashaneni esedlule; Ngikholwa ukuthi wayenami, ezansi lapho ngalesosikhathi. Ngahlala phezulu egqumeni ezansi lapho, genza sengathi ngangiyozingela.

²³⁶ Ngifuna ukusho kulelibandla manje, ngifanele ngisho ezinye izinto ebiqhubeka. Izikhathi eziningi nicabanga ukuthi ngiyazingela; angizingeli. Lokho yizaba zokuvimbela abantu ekungilandeleni. Ngifanele ngiye lapho ukuze ngibe ngedwa noNkulunkulu. Angizingeli ngaso sonke isikhathi, bangane. Yebo, ngiyazingela, kodwa hhayi—hhayi lolohlobo lokuzingela!

²³⁷ Ngahlala phezulu egqumeni. Ngenza sengathi, kuye, ngangiyozingela onogwaja. Ngahamba ngazungeza ngqo, emva kwendlu, futhi ngabamba izandla zami ngazibhekisa ngasendlini, futhi ngakhuleka futhi ngakhuleka. Efa!

UMoya oNgcwele wakhuluma kimi ngobunye ubusuku, “Enye yalamadoda ivela ebandleni elingakholwa ukuthi ukuphulukisa kulungile.”

²³⁸ Umfundisi othile wafika endlini yakhe, esikhathini esingeside esedlule, futhi wazama ukumelana nami lapho ngenkulumo-mpikiswano. Abanengi benu bantu lapha, wayelapho ngalobobusuku. Niyabo, leyondoda yacishe yalahlekelwa yingqondo yayo. Manje izama ukungithola ukuba ngithole uMoya oNgcwele. [UMfowethu Wright uthi, “O, ithi ngingumngani omkhulu kunabo bonke enabo, nokho, umfowethu.”—Umhl.] Cabanga ngalokho.

Indoda eyama lapho ukuba iphikisane, futhi yathi, “Kuqala, ngifuna ukukutshela, ungokadeveli.”

Ngathi, “Ngiyakuthethelela, ngoba awazi ukuthi ukhuluma ngani.”

Ngakho-ke yaphenduka yabe isithi, “Ngiyazi unoMoya kaKristu.”

Ngathi, “Manje, bengi ‘ngudeveli,’ emizuzwini embalwa edlule, futhi sekungu ‘Kristu’ manje. Kuyikuphi na? Uyabo?” Niyabo? Ngakho manje, bona, izinto ezesabekayo zenzekile.

Lendoda ilele lapho, ifa. Nalendoda yayihleka, yathi, “Manje hamba ulande umphulukisi wakho ngokukaNkulunkulu.”

²³⁹ Futhi ngangisenhla eLexington, eKentucky, lapho owesifazane aphulukiswa khona kumdlavuzwa. Futhi embonweni, iNkosi yangikhombisa, ngibuya, ngalokho kusa cishe ngelesihlanu nqo. Yangikhombisa lokho. Yathi, “Uzoxhawula uMfowethu George Wright, enyuka edabula etabernakele, bese enyukela lapha bese ekuxhawula. Nendoda ehlekise ngaye, uyogubha ithuna layo.” Bengingakwazi, bengingazi ukuthi wayemba amathuna.

²⁴⁰ Ngashayela ucingo uDadewethu Wright. Ubophezelekile ukuba abe lapha ndawondawo. Ya. Ngashayela ucingo uDadewethu Wright. Ngathi, “Ngino ISHO KANJE INKOSI.” Kunjalo. Leyo wuhlobo lwemibono engifuna ukuyibona kusukela manje kuqhubeke. Lapho ngitshela omunye umuntu ngaphambili okuthize, kuyabuya. Ngathi, “UMfowethu George uzomba ithuna lendoda, noma abe sethuneni lendoda ehlekisa ngaye. Futhi uzongena etabernakele, futhi ngizomxhawula.” Ihlule legazi lasuka kuMfowethu George.

²⁴¹ Futhi cishe inyanga noma ezimbili, emva kwalokho, ngase ngibuyile. Futhi njalo, njalo njalo ngaso sonke isikhathi, uza *ngapha*. Kodwa, ngalokho kusa, uza *ngapha*. Nganginezethameli... Ngathi, “Buka, buka, buka! Nangu eza, khona lapha, niyabo, ngayo impela nje indlela Akhuluma ngayo.”

²⁴² Nangu, namhlanje. Lokho sekube... [UMfowethu Wright uthi, “Iminyaka eyisishiyagalolunye.”—Umhl.] Eminyakeni eyisishiyagalolunye edlule. [“Nganginamahlule egazi ayisishiyagalolunye asele.”] Amahlule egazi ayisishiyagalolunye, eminyakeni eyisishiyagalolunye edlule.

²⁴³ Kambe, ngizwile ukuthi uDadewethu Hickerson... Ngabe uMfowethu Hickerson ulapha namhlanje na? Ukuthi ungcono. Lokho kuhle. Wayenamahlule egazi, naye, isigejane sawo emlenzeni wakhe.

Manje unesifo samathambo esandleni sakhe.

²⁴⁴ Leyo kwakuyindokazi yakhe, uDadewethu Hattie ehlezi khona lapho, engifakaze ngakho esikhashaneni esedlule, ukuthi inkonzo entsha yasebenza okokuqala. Kunjalo, Dadewethu

Hattie. Angazi noma abafana bakhona yini kulokhu ukusa na? Ngabe banawe na? [UDadewethu Hattie uthi, “Emuva.”—Umhl.]

²⁴⁵ Bakuphi abafana na? Nampo bobabili bemi emuva ngqo lapho ngemuva. Nampo abafana ababili umama wabo amtholele yena . . . Phakamisani—phakamisani izandla zenu, bafana, ukuze babone ukuthi ningobani. Kulungile. Ngimi emuva lapho ngemuva. Kuyamangalisa, akunjalo, Orville na? Impela kunjalo. Kulungile.

²⁴⁶ UMfowethu George. [UMfowethu Wright uthi, “Uyangazi, Mfowethu Bill. Ngiyakholwa.”—Umhl.] Ngiyazi uyakholwa. Futhi ngiyazi isikhathi esiningi, ngiye ngalala lapho ekamelweni lakho, ngesikhathi sasebusuku, ngibheka ngefasisela, ngilalele, inyoni endala echukuluzanayo. Ngolunye usuku sizofanele siwele, Mfowethu George. Kuze kube yilesosikhathi, uNkulunkulu abe nathi. Ngiyazi Uzokwenza ngaleyonkathi. “Ya, noma ngihamba esigodini sethunzi lokufa, Angiyikwesaba okubi. Wena unami.” Lowombono, lapha esikhathini esingeside esedlule, ngenkathi ngibone labobantu abadala bephenduka bebasha futhi, yileyondlela engiyokubona ngayo ngelinye ilanga.

²⁴⁷ Baba wethu waseZulwini, nikeza umfowethu isifiso senhliziyu yakhe. Mphulukise kulesisifo samathambo. Useyaguga, Baba. Ngikhulekela ukuthi Uzomsiza. Siza uDadewethu Wright, u-Edith omncane, nawo wonke umndeni ezansi lapho. UDadewethu Hattie, abantwana bakhe, bonke abathandekayo babo, yiba nabo, Baba. Siphe lesisicelo, njengoba ngisicela eGameni likaJesu. Amen.

[UMfowethu Wright uthi, “Ngizoba namashumi ayisikhombisa nesishiyagalolunye.”—Umhl.] Amashumi ayisikhombisa nesishiyagalolunye. UNkulunkulu akubusise, Mfowethu Wright, akuphe ezinye izinsuku eziningi. Ayibongwe iNkosi.

²⁴⁸ UMfowethu Daulton. He, he! Nangu umfowethu obeyigugu kimi. Ngizonitshela ukuthi kwenzekani. Anginaso isikhathi sokudlula kukho. Umkakhe uyazi. Wathi, “Wayefa.” Ukuhlaselwa yinhliziyu, bekuyikho, dade na? Futhi, ngaphambili, iNkosi yayimnike iphupho, nencazelo yafika. Futhi ngenkathi ukuhlaselwa yinhliziyu kumshaya, wama phambi kwakhe ngqo, wathi, “Ngiyakudedela lokhu.” UNkulunkulu wayemnike iphupho ukuthi kwakuzoba ngaleyondlela, nencazelo iyafika. Nodokotela wayecabanga ukuthi indoda yayifa ngaleyonkathi, nansi iyaphila, namhlanje.

²⁴⁹ Nkosi Jesu, kumfowethu oligugu, ushayele izindlela ezinde ukuba eze kulomhlangano kulokhu ukusa. Inqulu yakhe imbi. Njengemoto nje, Nkosi, izingxenywe seziqala ukuguga, zehle. Kodwa, O Nkosi, yiba ngaMandla akhe okuqina. Wena ungaMandla ethu okuqina. Bopha ngaphansi

lendawo ekhubazekile enqulwini yakhe. Bopha yonke indawana ebuthakathaka, Nkosi. Futhi unikeze umfowethu oligugu ukuphulukiswa kwakhe, njengoba ngimbusisa eGameni likaJesu Kristu, iNdodana yaKho. Amen.

UNkulunkulu akubusise, Mfowethu Daulton. Kuyoba njalo.

²⁵⁰ Kulungile, dadewethu, iNkosi ingakwenzelani na? [Udade ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] Ngani, Dadewethu Daugherty. Ngabe lona nguBetty na? ["Yimi lowo."] Ngani, Betty, ayibusiswe inhliziyo yakho!

²⁵¹ Ubani kulelitabernakele ongamazi uBetty Daugherty na? Okokuqala ukuba inkonzo yami endala ike yasebenza, kwakukulomntwana. Bangaki okukhumbulayo lokho na? Niyabo?

UBetty wayenomdanso kaSaint Vitus. Futhi wayesesimweni esinjalo, ukuthi, akazange ngisho aziphathise okomuntu. Akukho dokotela owayengamenzela lutho.

²⁵² Futhi ngaya eSt. Louis. Lelibandla lenze imali, futhi ngaboleka ijazi lomunye umuntu. Futhi bahlanganisa amadola ayishumi nanye, ukuba mina ngiye ngale futhi ngikhulekele lentombazanyana. Wayeyintombazanyana nje, ethi ayibe—cishe njengalentombazanyana ehlezi khona lapha, ingane yentombazane encane. Futhi ngahlala. . . Ngabe uMfowethu Daugherty ulapha na? Akekho lapha. Futhi ngakhuleka futhi ngakhuleka futhi ngakhuleka; Angifinyelelanga ndawo. Futhi ekugcineni, ngihlezi phandle emotweni kaMfowethu Daugherty, ngabona umbono ngokuthi bona bafanele benzeni.

²⁵³ Futhi walandela umbono ngayo impela nje indlela iNkosi eyathi akwenziwe ngayo. Ngiyakholwa, kwakuphambene kancanyana nemicabango yakhe, ngalesosikhathi. Kodwa ukwenze ngayo impela nje indlela iNkosi eyathi akwenziwe ngayo, noBetty waphulukiswa. Okokuqala ngimbona, kanjani. . . Wathi, "Umkhulu uDaugherty ekugcineni kombhede; UMfowethu Daugherty, omunye. Futhi makathathe indwangu bese egeza ubuso bengane nezandla, kanjalonjalo." Njengoba ngehla ngomkhuleko, "Baba wethu OseZulwini, Malingeweliswe iGama laKho."

Futhi uBetty manje ushaywe yizingwengwezi. Ngifanele ngimkhulekele nje e—esikhathini esifishane esedlule, ngemuva kwesakhiwo, eChautauqua.

²⁵⁴ Betty, s'thandwa, ake sidlule kulokhu sisondele ngempela manje. Ngifuna ukubamba isandla sakho. Uyimpumputhe, yonke indlela, Betty na? [UDadewethu Betty Daugherty uthi, "Qhabo."—Umhl.] Ungabona nje ukukhanya kwemini futhi kuba-mnyama. Usuneminyaka emingaki ubudala manje, Betty na? ["Amashumi amabili-nambili."] Amashumi amabili-nambili. Wayethi akabe nesikhombisa noma isishiyagalombili, ngaleyonkathi. Dadewethu Daugherty, ubunokudonsa kanzima,

awubanga njalo na? Uyazi, Betty, bengihlala njalo ngikholwa ukuthi uNkulunkulu ubenento ethize kuwe ukuba uyenze. Ngikholwa ukuthi yingakho kube ngalendlela kuwe. Futhi ngi—ngikholwa ukuthi isitha senze lento embi.

²⁵⁵ Manje, uyazi, Betty, Dade, ukuba benginamandla okufinyelela phakathi lapho futhi ngithathe lezo zingwengwezi futhi ngizidonse, bengiyokwenza. [UDadewethu Betty Daugherty uthi, “Yebo.”—Umhl.] Anginawo.

²⁵⁶ Kodwa, Betty, engikutshele khona okokuqala, lelo yiqiniso; njengoba ngihlezi lapha, nawe nami, njengomfowethu nodadewethu kuKristu. Mfowethu Daugherty, ubabayi wakho oyigugu, nomoya omuhle nje umfowethu njengoba ngake ngaba naye; umama wakho othandekayo lapha. Ngike ngahlala endlini yakho, futhi wabelana nami ngokudla kwakho, na—nakho konke. Kade unjengokuthi—njengokuthi ubungudadewethu ngempela. Futhi bencingeke ngibe qotho kunoma bencingaba qotho noDelores ehlezi emuva lapho.

²⁵⁷ Manje, uNkulunkulu wethembisa lokhu, Betty. Ngifuna ukukuthola konke... Uyihlo, engumfundisi, wena ukhuliswe emndenini okhulekela abagulayo. Kusobala, ukhulekelwe, isikhathi esiningi. Sekufike endaweni lapho, ngezinye izikhathi sivele sidlule kukho, futhi siye emuva naphambili. Futhi si—si—sithi ukulahlekelwa inani lakho. Uyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? [UDadewethu Betty Daugherty uthi, “Amen.”—Umhl.]

²⁵⁸ He, ube ngekahle, intombazane enhle, Betty. Kuyadabukisa ukubona amehlo akho eqhubeka kanjalo. Ngabe uMeda usekhona endlini na? Umkami ubefuna ukukubona. “Ngifuna abone uBetty, usebe yintombazane enhle kanjani.” Betty, wawungenhle, intombazanyana. Ubulokhu uyintombazane elungile.

²⁵⁹ Manje, ngabe kukhona noma yini phansi empilweni, ukuthi wehlulekile, Betty na? Manje, njengoba nje udokotela ubengabuka phezu komzimba wakho—wakho wenyama, ngifuna ukubuka emphefumulweni. Ngabe wehlulekile kuNkulunkulu, noma kuphi, Betty na? Uma kukhona, kuvume nje kuYe, “Nkosi, uma Uzongivumela ngidlule kukho futhi, ngifuna... Ngizokwenza okwehlukile.” [UDadewethu Betty Daugherty ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] Yebo, Angakwenza.

²⁶⁰ He! Kuyinto exakile impela. Ake sikucabange ngalendlela. Manje, bencingazi ukuthi uBetty Daugherty ubezoba kulomhlangano. Kodwa okokuqala, kokunye ukubona kwami okufihlakele, kwakunguBetty Daugherty. Nakhu, kubuya futhi, emhlanganweni wokuqala *kulokhu*.

²⁶¹ Wazi ngayo leyonkathi ukuthi ngangikhuluma ngani. Angifuni ukuqala lokho kubona okufihlakele futhi, ngoba, emgqeni. Kodwa washo lokho abefanele ukukusho njengamanje.

Wayegcwaliswe ngoMoya oNgcwele, esese, phandle eSt. Louis. Njengetshitshi, inganyana, mhlawumbe wenze izinto abengafanele azenze. Kodwa, ubani ongakaze na? Ubani ongakaze na? Uma kungesiwo umusa, sonke silahlekile. Futhi uma uvuma ukuvuma iphutha lakho, uNkulunkulu ulungile, ukuthethelela iphutha lakho.

Ngiphakamisa ukukholwa kwami manje.

²⁶² Nkosi, ngiletha lentombazane kuWe. Ngibeka izandla zami phezu kweso layo. Ngikhuza lezizingwengwezi, futhi ngikholwa ukuthi uBetty uzophinde abone. Makuthi aMandla avula amehlo kaBartimewu oyimpumpithe, anikeze uBetty ukubona kwakhe futhi, njengoba nginikela lomkhuleko, ngenkathi ukukholwa kusephezu kwami. eGameni likaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu. Ngingaxhawulana nodadewethu futhi, ndawondawo, namuhla, kusasa, kumbe noma kuzoba nini futhi. Nalawomehlo akhanyayo azongibona, futhi athi, “Mfowethu Branham, sengiyabona kahle njengoba ngake ngabona kuzo zonke izinsuku zami zesikole.”...?..Makube ngaleyondlela.

Uyakukholwa lokho, Dadewethu Daugherty na? [UDadewethu Daugherty uthi, “Yebo.”—Umhl.] khona-ke kuyoba ngaleyondlela...?..

²⁶³ Nkosi, eGameni likaJesu, iNdodana kaNkulunkulu, nika udadewethu isifiso senhlayiyo yakhe, njengoba emile ephakamisa isandla sakhe. Makuthi aMandla aphulukisa uBetty Daugherty, okokuqala, nalokhu futhi okwesibili. Mawaphulukise udadewethu, eGameni likaJesu. Amen.

²⁶⁴ Mfowethu. [Umfowethu ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] Umfowethu ufuna ukusindiswa. Uyamemukela uJesu Kristu njengoMsindisi wakho siqu na? [“Yebo.”] Uyakholwa ukuthi Wakufela, wabuye wavuka na? [“Yebo.”] Manje uyaMemukela njengoMsindisi oqondene nawe na? [“Yebo.”]

²⁶⁵ eGameni likaJesu Kristu, makuthi yonke imibuzo yesono isuke kunembeza walendoda. Kwangathi umfowethu angaba njalo namhlanje, kusukela manje kuqhubeke, ngaphandle kokungabaza abe ngumKristu, eGameni likaJesu Kristu.

²⁶⁶ Phendukela kulezizethameli bese uthi, “Ngemukela uJesu njengoMsindisi wami.” [Umfowethu uthi, “Ngemukela uKristu njengoMsindisi wami.”—Umhl.] Ujabula kakhulu izono zakhe zithethelelwe ngeGazi likaJesu Kristu. Yilokho esikuthandayo, amen, ikhambi eliphindwe kabili.

²⁶⁷ Nkosi, nikeza owesifazane isiqiniseko sensindiso yakhe, nazo zonke izinkinga zakhe, uJesu, kwangathi kunganikezwa, eGameni likaJesu Kristu. Amen. Hamba. Ukwemukele. Hamba ukholwa manje. Ungavumeli... [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]...?..

268 . . . engikufezile kaningi, kulokhu ukusa, ngoMlayezo engibe nawo nezinto ebengazi ngazo. Ngilandele ukuyalwa, kakhulu, kunalokho engikufezile eminyakeni emihlanu edlule, ngoba ngithole isizinda sentando kaNkulunkulu.

269 Manje, kungahle kube yinto el'khuni kimi ukushintsha ngisuka kwenye inkonzo ngiye kwenye. Kodwa, akusikho ukushintsha inkonzo. Ngukuthatha inkonzo efanayo esikhundleni esiphakeme. Ngukuyalwa kwasekuqaleni. Zonke lezi ezinye izinto bezilokhu zakhela phezu kwalokho. Manje yisikhathi.

270 Ngenhliziyo yami yonke, ngikholelwa wonke umuntu engimkhulekelayo. Ngikholwa ukuthi bazosinda. Nabo bonke ubufakazi obubonakalayo esinabo, yonke into uNkulunkulu ayikhombisile, yonyaka nonyaka, yobufakazi obungenakuphosisa, yeBhayibheli liphila futhi, manje-ke beLingehluleka kanjani na? Ngeke nje lehluleke.

271 Manje, yinye kuphela indlela yokuLenza lehluleke, lokho ngukuthi, ukuba wena ungaLikholwa. Uma uJesu eme lapha qobo lwaKhe futhi ubeyokukhulekela, futhi edlule esenzweni esifanayo esisenzile kulokhu ukusa, akusekho obekuyokwenzeka. Noma, uma ubuyokholwa ngesilinganiso sokukholwa, ukuthi, akukho okunye obekungenzeka kunalokho okuzokwenzeka, uma ukholwa ngesilinganiso esifanayo sokukholwa. Ngoba, ngimele Yena kuphela. Ngiyisoni esisindiswe ngomusa, umuntu nje njengawe, isidalwa esingumuntu nje. Kodwa uNkulunkulu ufanele abe nendawo yokuphuma ndawondawo. Futhi Ukufakazisile lokho ngeZwi laKhe. Ukufakazisile ngenkonzo. Ukufakazisile ngeNgelosi yeNkosi. Futhi nakhu. Manje kukithi, ukukukholwa.

272 Manje khumbulani, njengomntwana nje. Uma kade kukhona ukuhlupheka, ungabe usakubona. Uma bekukhona isifo, asisekho lapho. Nje unganaki noma yiluphi uphawu, noma yini ephambene nalokho okuceliwe. Isikhathi esiningi. . . Wonke umntwana oza kuNkulunkulu, uzofanele avivinywe. Siyavivinywa, ukubona ukuthi siyakukholwa yini lokho, noma qha. Futhi uyoba nezimpi nezinkathazo, kodwa khumbula, sisemashini yethu.

273 UNkulunkulu anibusise. Ngiyanithanda. Futhi mina, ngosizo lukaNkulunkulu, ngithemba ukuthi Uyangivumela nginikhonze, njengenceku yaKhe, iminyaka eminingi, eminingi ezayo, ngumkhuleko wami. Ngikhulekele.

Futhi manje khumbulani, kulobubusuku, *Ukuqinisekiswa Okuhlana Okungenakuphosisa KweBandla LeQimiso LikaNkulunkulu Ophilayo*. Kuze kube yilesosikhathi. . .

Asisukume, sime ngezinyawo zethu, umzuzwana nje.


274 O, ngabe ikhona inkonzo yombhaphathizo na? [UMfowethu Neville uthi, "Ngikholwa ukuthi ikhona. Ake sibone ukuthi

singakwazi yini.”—Umhl.] O, inkonzo yombhaphathizo! [“Bangaki abantu ngombhaphathizo na?”] Abantu ngombhaphathizo, nikhona na? Phakamisa isandla sakho, noma ubani ngombhaphathizo. [“Kukhona othile.”] Oyedwa, ababili, abathathu...Yebo. Ngiyaxolisa kakhulu, kakhulu, bangane.

²⁷⁵ Manje, kulabo abazofanele bahambe, ngizobakhulula. Bonke abanye babo bahlalele umbhaphathizo, ofunayo. Sizoba nenkonzo yombhaphathizo, emzuzwaneni nje.

²⁷⁶ Baba Nkulunkulu, khulula labo abazofanele bahambe, ngezibusiso zaKho, isibusiso saKho. Umusa waKho uphumule phezulu kwabo. SiKubonga ngakho konke okufeziwe kulokhu ukusa, njengoba sisuka entabeni, siqala ukuya phezulu. Nkosi, kwangathi singenyuka sidabule kulo lonke izinga lelata, size sifike e—eMbusweni kaNkulunkulu. Siphe khona, Nkosi. Yiba nathi manje. Sithethelele izono zethu, labo abahleli manje ukuba babhaphathizwe kukho ukuthethelelwa kwesono sabo. EGameni likaJesu Kristu, kwangathi lezizinto zinganikezwa.

²⁷⁷ Sibuthele ndawonye futhi, kulobubusuku. Kwangathi amandla aKho nezibusiso zaKho zibe phezulu kwethu, kulobubusuku. Kwangathi kungaba nobusuku obukhulu kulobubusuku. Kwangathi abaningi abadidekile bangaqondiswa, kulobubusuku. Siphe khona, Baba, ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

Kulungile. Ningahlala phansi manje uma nifisa, sisalungiselela umbhaphathizo. 

60-0911M Njengalokho Nganginaye
UMose, Kanjalo Ngizoba Nawe
EBranham Tabernakele
EJeffersonville, E-Indiana E-U.S.A.

ZULU

©2024 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS

P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.

www.branham.org